


# UKUHLENGWA

## EKUPHELELISWENI,

## NGENTOKOZO

 Ngiyajabula kulobubusuku, futhi, ukuba nginibingelele eGameni leNkosi yethu ethandekayo uJesu, iNdodana kaNkulunkulu evukisiweyo. Futhi uBukhona baKhe bese buvele bulapha ngenkathi ngingena, ngakho-ke silindele ukubona ngokwedlulele, ngokuyinala, “ngakho konke lokho esingakwenza ngisho noma sikucabange,” kulobubusuku, ukuthi uNkulunkulu uzothululela phezu kwethu, okwezibusiso zaKhe, futhi enze mkhulu uJesu Kristu phakathi kwethu.

<sup>2</sup> Kade ngikhuluma ubusuku obubili obedlule... NgeSonto ebusuku ngicabanga ukuthi saba nenkonzo yokuphulukisa, futhi ngoMsombuluko ebusuku ngangishumayela. Futhi ngikhipha... Ngaqala indaba, ngeSonto ekuseni, etabernakele. Futhi ngicabange ukuthi, ngenkathi sisalindile ngapha ukuba isigejane sithi ukucoshwa kancanyanyana, ngingathi ukuvulela imizwa yami. Ngi... .

<sup>3</sup> Ngolunye lwalezi zinsuku, uma uNkulunkulu ethanda, futhi ezongisiza, ngingathanda nje ukuba nemikhankaso eminingana lapho u—unga... uvele ungene nje futhi ushumayele noma ufundise umBhalo, futhi wenze ukubizela e-altare okuningi, bese wehlela e-altare futhi ukhulekele abantu, futhi njengoba thina maBaptisti akudala sasivamise ukwenza. [Omunye uthi, “Amen.”—Umhl.] AmaBaptisti amabili kuphela engiwezwe ethi, “Amen.” Ngakho-ke nikuphi nonke, kulobubusuku na?

Omunye wathi, “Mfowethu Branham, wawuyiBaptisti na?”

Ngathi, “Yebo,” ngasho.

<sup>4</sup> Ngangishumayela lapha e-Arkansas, ngesinye isikhathi. Umfo, umfo osekhulile, waphulukiswa. Waye... babekade... WayeyiNazarene. Wayetshathe izinduku zakhe zokuqhugela, ngosuku olulandelayo, ezungeza edolobheni, ne—isayini kuyo, “UNkulunkulu ungisusile kulokhu, ngobusuku bayizolo.” Futhi wayekhubazeke kabi kakhulu. KwakuseLittle Rock. Futhi wayebe ngaleyondlela iminyaka eminingana. Futhi wonk’umuntu wayemazi, ngoba wayezungeza, futhi wayenalesi sigqoko sakhe sibekwe phansi, futhi ethengisela amapensela kuleso sigqoko. Futhi wonk’umuntu wayemazi, ngakho kwaqala nje, usanda kwenza into enkulu edolobheni.

<sup>5</sup> Futhi ubusuku obuthi abube bubili emva kwalokho, ngangishumayela, futhi—futhi wasukuma. Wathi, “Umzuzu nje, Mfowethu Branham, awunankinga uma ngikubuza okuthize na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

<sup>6</sup> Wayesethi, “Awu,” wathi, “ngenkathi—ngenkathi ngikuzwe ushumayela, ngazi ukuthi uyiNazarene.” Wathi, “Khona-ke ngibone bonke abantu abangamaPentecostal ngapha, futhi othile wangitshela ukuthi wawuyiPentecostal.” Wathi, “Ngikuzwile uthi, esikhashaneni esidlule, wawuyiBaptisti.” Wathi, “Angikutholi lokhu.”

<sup>7</sup> Ngathi, “Awu, lokho kulula. NgiyiPentecostal Nazarene Baptisti.” Kunjalo. Kunjalo. Thina nje. . . kholwa.

<sup>8</sup> O, bangani, angisiye owanoma yiliphi ibandla lehlelo, futhi nokho ngingowawo wonke. Ngenkathi ngiqale kulokhu, ngathi, “uKristu uyinhloko yami. LeliBhayibheli liyincwadi yami efundwayo. Futhi izwe liyibandla lami.” Ngakho, lokho yi—lokho yilokho engifuna ukuba yikho ngize ngife.

<sup>9</sup> Manje, ebusukwini obubodwa noma obubili, sizozama ukuqala inkonzo yokuphulukisa futhi, uma sithola. . . Isizathu, ukubona lemibhede yeziguli nezinhlaka kulele ngapha, ngingathanda ukubona okuthize. Ngilangazelele kakhulu into ethize ukuba yenzeke lapha eLouisville, eKentucky, ngoba leli yizwe lami lasekhaya.

<sup>10</sup> Angikaze ngibe nomuhle, lokho enikubiza ngomhlangano omuhle, eKentucky. Futhi angikusho lokho nganoma yikuphi ukubhakilaza. Ngi—ngibe nezingi ezingezinhle, izindawo eziyingqaba. Kodwa, ngiqonde ukuthi, khona lapha ekhaya lami uqobo, kunzima kakhulu. Ngi. . . kunzima nje ukukubhodloza. Angazi ukuthi kungani. Kodwa ngicabanga ukuthi yingenxa yokuthi uJesu wathi, “Ezweni lakini,” nokuthi kuyoba kanjani, lokho mhlasimbe i—indlela okungayo. Kodwa asifinyeleli neze ekuboneni izimangaliso ezivelele ezingi kakhulu.

<sup>11</sup> Ngaba nenkonzo lapha, cishe unyaka noma emibili eyedlule, eJeffersonville, kodwa kwenzeka kube owesifazane owayevela ehla lapha eKentucky ndawondawo. Wayephenduke waba ushoki, njengawo, kusukela emilenzeni yakhe kwehle; kusukela enqulwini yakhe kwehlele emilenzeni yakhe, njalo. Futhi wa—wayengakaze ahambe, iminyaka eyishumi nesikhombisa. Abanengi benu babelapho ngalobo busuku, futhi niyalukhumbula udaba. Futhi wasukuma ngqo futhi wahamba waphuma etabernakele, ekahle.

<sup>12</sup> Manje, ngithanda okuthile ukuba kuqale lapha eLouisville, lapho engingabona khona invuselelo eyimfashini endala ishanela kulelidolobhala elikhulu elithandekayo lapha.

<sup>13</sup> Yidolobha njengawo wonke amanye amadolobha; libi njengawo onke ephuma. Niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Angilimazi yona iKentucky; ngoba, ngingumKentucky, nami. Kulungile. Kodwa yi—yiqiniso. Libi. Leli yikhaya labo bonke abaphuzi bakagologo kanye nezigwedlo zikagologo, namasu amabi nakho konke, njengoba, kwenzeka ngqo ngaseLouisville, eKentucky lapha, ngakho-ke lesi yisihlalo sikaSathane.

<sup>14</sup> Kodwa singakuhlakaza kube yizicucu ngeVangeli likaJesu Kristu, uma sonke sizohlangana ndawonye. Kunjalo. Simele sihlanganise amandla ethu ndawonye futhi sifuqe.

<sup>15</sup> Esikhathini esithile esedlule, umshumayeli odume kakhulu ezweni waye, wathi, ekhuluma ngezinkonzo lapha. Wathi, “Awu, nakhu okuyikho.” Wathi, “Uma ngingena edolobheni, yonke into ezweni lonke ifanele ixhase imihlangano yami noma ngeke ngiye. Kunjalo. Awu, cabanga nje. Ngicabanga ukuthi mhlashimbe kukhon’amabandla amakhulu eBaptisti angamashumi ayisikhombisa khona ngqo eLouisville. Niyabo? Kuthiwani ngeMethodisti na? Futhi yidolobha leMethodisti; i-Asbury isenhla lapha. Umuntu ubeyoba nani uma eza kulelidolobha, nje amaMethodisti namaBaptisti, ngingasawabali amaPresbyterian nawo wonke na?”

<sup>16</sup> Manje mangaki amabandla efull-Gospel akhona lapha edolobheni na? Ezimbili noma ezithathu izimishini ezincane ezansi ngapha ndawondawo, nje amabandla amancane, lapha nalapho, futhi asempini elinye nelinye.

<sup>17</sup> Ngakho uma ungena, ufanele ume emandleni okuqina enkonzo yakho. Kunjalo. Futhi ngisho i...wonk’umuntu unjengezombusazwe zingena. Kusemandleni okuqina enkonzo yakho, ukudonsa kunoma yini iNkosi ezoyithumela. Ngikuthanda ngaleyo ndlela. Mfowethu, uma uJesu Kristu engesikhona ukuhlala kwami lapha, nokuthembela kwami, khona-ke anginalutho olunye ukuthembela kulo. Kunjalo. Yena...KuKristu, iDwala elimiyo, ngiyama; yonke eminye imihlabathi iyizihlabathi ezibishayo, kimi. Ngingaqoka ukushumayeza abantu abahlanu engaziyo ukuthi uNkulunkulu ubathumele ukuzwa uMlayezo, kunokushumayela ezinkulungwaneni eziyishumi ebezidonswe ngokwezombusazwe kukho. Kunjalo.

<sup>18</sup> Ngingaqoka ukubona ingqungquthela eyimfashini endala, ngehlele e-altare bese ngikhala futhi ngibubule njalo, kunokubona izinkulungwane ezilishumi zimile, zithi nje, “Awu, ngiyoKuzama.” Kuzame na? Akasiye uKristu ukuba umzame. UyiLowo ukuba umamukele. Ukuphila noma ukufa, ukucwila noma ukuminza, Mthathe noma kanjani. Kunjalo.

<sup>19</sup> Uma ngikhuleka, ngakhulekela abantu abayizinkulungwane eziyishumi kulobubusuku, futhi bonke bafa ekuseni; kusasa

ebusuku ngizobuya lapha ngikhulekela abagulayo, ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu laliqinisile. Kunjalo.

<sup>20</sup> Ukube bengifa; futhi abantu abayizinkulungwane ezinhlanu zafa eminyakeni eyikhulu edlule, futhi bekade besePhakadeni kade kangako, bevuka bebuya futhi beza emhlabeni, base bethi, “Mfowethu Branham, ungaKwethembi. Akalungile. UngaKwethembi. Sa—saMethemba, sahamba; sahlukela.”

<sup>21</sup> Bengisayolokhu ngithi, “Mangife kuJesu Kristu.” Kunjalo. NgiyaKukholwa. Futhi leyo yinhliziyoyami yonke, yonk’into ibekwe kahle kuLowo. Futhi ngiKukholwa ngayo yonke inhliziyoyami, futhi ngithembele kuYe.

<sup>22</sup> Futhi ngiyabathanda abantu baKhe. Ngiyanithanda, zakhamuzi zoMbuso kaNkulunkulu. Futhi ngifuna ukuma ihlombe ngehlombe nani, futhi ngithwale umthwalo.

<sup>23</sup> Manje, kulobubusuku; ngikhipha, izolo ebusuku, bengizokhuluma isikhashanyana kulobubusuku, iNkosi ithanda. Angifuni ukunigcina isikhathi eside kakhulu, nginikhathaze, ngoba silindele. . .

<sup>24</sup> Nginohlobo lokufana nenhlamba phambi kweNkosi kwalomhlangano. Futhi ngilindele uNkulunkulu enze okuthize okuzoqala umhlangano ukugingqika khona lapha edolobheni. Khulekani, yenzani ingxenye yenu; khona-ke, lapho ukwaHlulela kufika, sonke singama futhi sithi siyenzile ingxenye yethu.

<sup>25</sup> Esahlukweni 20 sika-Eksodusi, futhi ukuqala ngevesi le 7, ngifisa ukukhuluma imizuzwana embalwa nje, uma uNkulunkulu ezovumela, kukho kanye. . . awu, ngingathi, hhayi indaba evelele, kodwa i—indaba enhle. NgeSonto eledlule, kuSonto sikole etabernakele eJeffersonville, saqala, e, “ukuhlangwa ngeGazi.”

<sup>26</sup> Futhi nakhu engizama ukukwenza, uma ufuna ukwazi ukuthi kungani ngenza lokhu lapha. Abanengi benu bathi anizange ningibone ngishumayela emkhankasweni wokuphulukiswa, kodwa kungokwenhloso. Ngiyacabanga, uma ngingathola imiphefumulo yephukile futhi ize e-altare, khona-ke ngiyothola umusa kuNkulunkulu ngeLouisville, kunjalo, uma abantu ngempela beshona phansi phambi kukaNkulunkulu futhi bakhuleke.

<sup>27</sup> Futhi, khona-ke, kunabaningi kuni, bangani, okhulekayo, bezila ukudla, futhi besaba ukubamba lokho okukhulekelayo. Kunjalo. Niyabo? Awu, ngeke kukusize ngalutho ukuzila ukudla nokukhuleka, ngaphandle uma unemisebenzi ethize ukuba uhambe nawo. Konke ukukholwa kwakho, ezweni, ngeke kukusize nakanci ngaphandle uma unyathela kahle phandle lapho, futhi kusukela ozwaneni kuya ozwaneni nakho, futhi ukuthathe. Yilokho kuphela. Ufanele uqhubekele phambili. Ufanele nje unyathele kahle ngqo uphume futhi ukwenze, noma

kanjani. Uma ucela noma yini, hamba ukuthole. UNkulunkulu wathi kungokwakhokho, ngakho ungathathi lutho olungaphansi kwalokho. Thola lokho okucelile. Yenza lokho, futhi uthole ukuthi kuvela kanjani. Yebo. Unga—ungasekeli bese uthi, “Awu, ngizothatha okwesibili.”

<sup>28</sup> Ngizothatha okokuqala. UNkulunkulu wangethembisa, okokuqala, yilokho engikufunayo. Futhi kuleminyaka engamashumi amabili nantathu engiMkhonze ngayo, Unginike leyondawo. Futhi ngi... Futhi inqobo nje uma ngiMkhonza futhi ngiMthanda, futhi Uyangithanda, kuyoba nje ngaleyo ndlela ngoba Ubophezelekile eZwini laKhe. “Noma yini oyifisayo, lapho ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela, uzoba nakho.” Yilokho Akushoyo. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lokho kuhle. Kulungile.

<sup>29</sup> Ngithanda ukunizwa nithi, “Amen.” Uyazi, Dadewethu Hoover, u-*amen* usho ukuthi “makube njalo,” kimi, uyazi. Futhi ngi—ngiya kokhuluma, angizwa muntu ethi “amen,” ngi—ngithola ukudideka.

<sup>30</sup> Lapha esikhathini esithile esidlule ngangishumayela ebandleni elincane, futhi—futhi ngangisanda nje... O, angikakabi nayo indlela yokuziphatha epulpiti, ngokwe, ngiqagele, isayense yezenkolo yosuku, ngakho ngicabanga ukuthi nginokungalawuleki okuncane. Futhi ngicabanga ukuthi ngaxhuma phezu komqhino epulpiti, *kanjalo*, futhi ngaxhakathisa imayikhrofoni esandleni sami, futhi ngihlale lapho, nezinyawo zami zishibilika, ngishumayela kanzima nje ngangengingakwenza. Ngiyaswanguluka; bengingazi ukuthi bengenzani. Emizuzwini embalwa, ngiyalahleka futhi, futhi ngizithole phansi maphakathi nesikhala sezihlalo, ngigoqa imilenze yebhulukwe lami. Angazi ukuthi kungani, kodwa ngempela mina ngangi... ngingathanda ukuthi ngihlalile lapho isikhashana. Yileyo eyodwa engingathanda ukuyisho. Kwakuyindawo ethize lapho ngangiqinisekile ukuthi ngangizithokozisa khona. Ngangiphila ngakho izinsuku eziningana kamuva.

<sup>31</sup> Kwakukhona indoda eza kimi, yayisithi, “Awusho,” yathi, “ungashumayela kanjani, futhi bonke labobantu bethi, ‘Amen?’”

Ngathi, “Yilokho okungenza ngishumaye.” Ya.

<sup>32</sup> Ngangivame ukuba nenja endala. Ngazingela ngenja. Ngiqagele nginabangane abaningi baseKentucky lapha abathanda ukuzingela ngenja. Ngakho... Futhi yayiyokwenza umuthi noma yini eyayikhona, futhi ihambe ikuthole, ngaphandle kweqaqa; futhi nje yeyingenakuzihlanganisa ngalutho nalokho. Manje, yayingayigijimisa ngaphansi kwenqwaba yontshani obuyivukuzi. Futhi into kuphela engangidingeka ngiyenze, ngangingafuni ukungena ngaphansi

kwalapho emva kwayo, ngangiqinisekile. Ngakho into eyodwa kuphela engangidingeka ngiyenze, kungukuvusa nje utshani obuyivukuzi, futhi ngiyimbambathe futhi ngimpompoloze, “Mfune, mfana! Mfune!” Futhi yayihamba ithole iqaqa.

<sup>33</sup> Manje iqaqa elibi kunawo onke engazi ngalo ngudeveli. Futhi uma ufuna ukwenza ukumbambatha okuncane, vele umpompoloze u “amen” kanye ngankathi. Futhi ngi—ngi... Sizomthola esesihlahleni, emva kwesikhashana, futhi hamba umthole. Niyabo?

<sup>34</sup> Niyamazi, uBuddy Robinson omdala, abaningi benu uzwile ngaye. Anikaze na? Ibandla leNazarene. Wathi, “Nkosi,” wathi, “nginike umgogodla njengesaha logodo. Nginike ulwazi oluningi emphethweni wegebula womphefumulo wami. Futhi mangilwe nodeveli inqobo nje uma nginezinyo elilodwa, bese-ke ngimlume ngezinsini ngize ngife.” Ngicabanga ukuthi lokho kuhle... Futhi nje yilokho akwenza. Yilokho nje akwenza; le, cishe iminyaka eyikhulu ubudala, futhi esashumayela iVangeli.

<sup>35</sup> Ngizwa labo makadebona beshumayela kanjalo. Ngolunye usuku, kwenzeka ngavula umsakazo, futhi umfowethu omdala, ogama linguMordecai F. Ham, cishe iminyaka eyikhulu ubudala, esashumayela iVangeli. Ngathi, “Nkulunkulu, mbusise, futhi kwangathi angaba nezinkanyezi emqhelani wakhe lapho efika Lapho.” UMfowethu Ham, ngimazi kancane. Ngolunye lwalezi zinsuku ngifuna ukuhlangana naye ngaphambi kokuba awele, iZwe. Futhi, ngakho-ke, angaxhawulana nabafo abaningi ngaphasheya Lapho. Ngiyazi ukuthi uzoba nabaningi ukuxhawulana nabo uma efika Lapho, o, ngoba ube umakadebona omdala.

<sup>36</sup> INkosi inibusise manje. Futhi manje, ngaphambi kokuba singene kuleliZwi, masicele uMbhali ukuthi ehle futhi aLembule kithi.

<sup>37</sup> Baba wethu waseZulwini onomusa, sisondele kuWe, kulobubusuku, kulelo elithandekayo, iGama elihle kakhulu leNdodana yaKho, uJesu; sivuma izono zethu, ukuthi asifanelanga ukukhuluma iGama laKhe elingcwele. Ngokuba e... Wonke umndeni waseZulwini ubizwa ngo “Jesu.” Wonke umndeni emhlabeni ubizwa ngo “Jesu.” Futhi kuleloGama onke amadolo ayokhothama, futhi zonke izilimi ziyakuLivuma, kungakhathaleki ukuthi bayizoni noma abangcwele. Khona-ke, lapho sikhuluma eGameni laKhe, sifanele sithuthumele kanjani ezinhliziyweni zethu, ngenhlonipho yokuzithoba, njengoba sikhuluma. Ngakho sicela eGameni laKhe, ngenhlonipho yokuzithoba, ukuthi Uzoza kithi kulobubusuku, Nkosi.

<sup>38</sup> Silapha phakathi kwedolobha elikhulu, nazo zonke izinhlobo zamasu uSathane athole abantu bebopheleke kakhulu, emabhizininini abo, ekugembuleni kwakhe, nasebufebeni, ugologo, nakosikilidi. Futhi, O Nkulunkulu, futhi abefundisi

abaningi, epulpiti, bavele bakuyeke kwedlule njengokungathi kwakunganye yezinto ezivamile.

<sup>39</sup> Kodwa, Nkulunkulu, sinike iphimbo lesexwayiso, ukuthi siyoshumayela iVangeli ngokuqondile nangeqiniso, beka imbazo empandeni yomuthi, makuthi amabhizela awe nomaphi okuzoba khona. Kodwa sisize, Nkosi, ukuba simemezele isahlulelo phezu kwezinto ezinjalo, futhi sishumayele iVangeli leNdodana yaKho ethandekayo, uJesu.

<sup>40</sup> Nkulunkulu, vumela okuthile kwenzeke ukuthi kuzoshukumisa lelidolobha ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Ukuthi, ngisho namabandla, ehamba nje emakhoneni, namalungu ambalwa, O Nkulunkulu, kwangathi amabandla lawo angagcwalisa futhi agcwalise ngenhle, imfashini endala, abantu abangcwele, abazelwe kabusha. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi singemukela imvuselelo, imfashini endala, imvuselelo ethunywe nguNkulunkulu ezoshukumisa nje ohlangothini lwedolobha kuya kwelinye, ilahla konke ukudelela. O Nkulunkulu, ungasinikezi umhlangano othatha isikhathi eside kunesilindelekile. Siphe imvuselelo ezovala amajoyinti ogweva, nezolungisa izinto; futhi yenze abantu beze, lapho insimbi enqenqezayo yebandla ikhala, futhi batheleke e-altare futhi bakhuleke ngaphambi komlayezo kamelusi, futhi balungele. Nkulunkulu, siphe khona.

<sup>41</sup> Manje, kulobubusuku, kungenzeka kube nogulayo lapha, Baba. Futhi ngenkathi sisakhuluma kwabagulayo, noma sikhulumela abagulayo, futhi, kwangathi uMoya oNgcwele engaphulukisa wonke umuntu ogulayo esakhiweni. Sindisa zonke izoni. Buyisa, ekhaya, wonke umhlubuki ezindleleni zakhe zobuhlongandlebe.

<sup>42</sup> Futhi manje kwangathi uMoya oNgcwele kungaba Yiwo ongiholele kulendaba, kulobubusuku. Futhi kwangathi Angathatha izinto zikaNkulunkulu futhi asebenzise inceku yaKhe nje lapha njengethuluzi, futhi kwangathi uNkulunkulu angamukela udumo. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

<sup>43</sup> Evesini 7 lesahluko 20 sika—sikaNumeri, sifunda lokhu.

*INKOSI yakhuluma kuMose, yathi,*

*Thabatha intonga, ubuthe inhlango, wena, no-Aroni umfowenu, . . . khulume kulo idwala eliphambi kwamehlo abo; ukuba liveze amanzi alo, . . .*

<sup>44</sup> Ngifuna nina niqaphele lowo, manzi “aLo”.

*. . . liyakuveza amanzi aLo, uyakubavezela amanzi edwaleni: ukuze uyakunika inhlango nezinkomo zayo ukuphuza.*

*UMose wathabatha intonga phambi kweNKOSI, njengalokho iyalile.*

*OMose no-Aroni babutha ibandla phambi  
kwedwala, wathi-ke kubo, Yizwani. . . nina bahlubuki;  
siyakunivezela yini amanzi kuleli idwala na?*

*UMose waphakamisa isandla sakhe, walishaya idwala  
kabili ngentonga yakhe: kwaphuma amanzi amaningi,  
inhlango yaphuza, kanye nezinkomo zayo.*

45 Kwangathi iNkosi ingathatha lamaZwi ambalwa manje, njengoba siphindela emuva endabeni yethu kusukela izolo ebusuku futhi siyikhuphulele kulokhu, uNkulunkulu ethanda.

46 Futhi manje, ngifuna bonke abagulayo abangaphakathi lapha, kulobubusuku. . . Manje, uBilly akazange akhiphe amakhadi omkhuleko namhlanje, ngoba ngimtshela ukuthi angakwenzi. Ngathi, “Wela nje, Billy, futhi utshela uMfowethu Cauble. Futhi nje mangi. . .”

47 Ngizama okuthile, okwenkazimulo kaNkulunkulu. Nje ngicela uNkulunkulu ukuba asisize, ukuba asinike imiphfumulo eMbusweni; futhi amakholwa azoqinisa ukholo lwawo, futhi ahambe enyuke, ngisho nangaphandle kwanoma yini enye, azovele nje ahambe enyuke ngqo futhi athi, “Nkulunkulu, ngiyaKukholwa, eZwini.” Yilokho-ke. Kukhona okokuqala, nesiqalo, nendlela engcono kunazo zonke. Kunjalo. Thatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Khona-ke, uma ungakwazi ukwenza lokho, khona-ke, kusobala, uNkulunkulu uthumela ezinye izinto phakathi, njengeziphiwo nezibonakaliso, uku—ukuqinisekisa iZwi laKhe, ukuLiqinisekisa kulo lonke ikholwa.

Manje, ngeSonto, sasine, “ukuhlengwa ngeGazi.”

48 Sithatha u-Israyeli manje, ohambeni labo, ephuma eGibhithe, umfanekiso wezwe, endleleni yabo eya ePalestina, izwe lesethembiso. Ngicabanga ukuthi into enhle. Ngiyakuthanda nje. Eduzane impela wonke amaviki, ngihlala phansi futhi ngifunde iNcwadi ka-Eksodusi, uma ngingakwazi, noma okuningi kwakho ngangengingakwenza. Ngiyakuthanda ngoba kungumfanekiso ophelile webandla namuhla, isimo, nokuthi uNkulunkulu uhamba kanjani. Wahamba ngaleso sikhathi, lokho Akwenzile emvelweni ngaleso sikhathi, Uyakwenza kokomoya manje. Niyakubona na?

49 Manje, nakho lapho Ahola khona u-Israyeli, wemvelo, lapho babona khona, babheka, babakhipha ezweni elithile bengenakwelinye izwe lemvelo.

50 Manje sihanjiswa nguMoya oNgcwele, ngokuhamba manje singene eZweni lesethembiso. Niyakholwa ukuthi sisendleleni ebheke eZweni lesethembiso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi. Uma bekungenjalo, bengiyakunitshela. Ngizohamba nginilungisele indawo.” Ngabe kunjalo na? [“Amen.”] Manje sineZwe lesethembiso esiya kulo, futhi usuku ngalunye lumaka ibanga; ngolunye usuku, elinye ibanga.



<sup>51</sup> Futhi kunethunzi elikhulu elimnyama elihleli ngaleya ngaphambi kwethu, libizwa ngokufa. Futhi ngaso sonke isikhathi inhliziyoyethu ishaya, sisondele ngesinyathelo esisodwa kulokho. Ngolunye lwalezi zinsuku, izothatha ukushaya kwayo kokugcina, futhi siyangena. Ngifuna ukuba sesikhathini sami, ngenze inkathoyami; njengoba ngithemba ukuthi yilowo nalowo wenu unjalo, kulobubusuku. Lapho ngazi ukuthi lulele ngaphambi kwami nje, futhi ngifanele ngihlangabezane nakho, angifuni ukuba yigwala. Ngifuna ukuzisonga ngengubo ende yokulunga kwaKhe, ngihambe ngingene kukho, ngazi lokhu, ukuthi ngiqinisekile ukuthi ngiyaManzi eMandleni ovuko lwaKhe. Kunjalo. Ukuthi, lapho Ebiza phakathi kwabafuleyo, ngizobizelwa ngaphandle kanye nalabo abaphilayo. UNkulunkulu unguNkulunkulu wabaphilayo.

<sup>52</sup> Manje, lapho sebehambe kulelizwe, sithole ukuthi uNkulunkulu wenza i—wabenzela icebo. Waletha ukuhlengwa, ngegazi. Khona-ke sithola ukuthi, Uletha ukuhlengwa, futhi, ngamandla.

<sup>53</sup> Sithole, ubusuku bakuthangi, ukuthi Wayebhece igazi; okwakungumfanekiso omuhle kakhulu wekholwa, ukuthi, lapho lemukele ukufa kukaKristu endaweni yalo, khona-ke uba ngumntwana kaNkulunkulu. Uqala uhambo lwakhe.

<sup>54</sup> Manje, into elandelayo adingeka abe nayo...ngemuva kokuba esesindiswe, ngokomoya.

<sup>55</sup> Manje, ukufa kwewundlu elingenacala kwahlinzeka ukuphila kwekholwa elinecala. Lokho akusiwo yini umfanekiso ophelele manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ukufa koNgenacala, okuhlinzekela ukuPhila konecala. Futhi ukufa kukaKristu ongenacala kuhlinzeka ukuPhila kwethu esinecala.

<sup>56</sup> Manje, okokuqala, khona-ke, emva kokuba uNkulunkulu esebanike ukuphila ngegazi, futhi wakufakazisa, ukufa kwadlula phezu kwabo, Wabaqala ohambweni lwabo. Sizohambisana nabo emva kwesikhashana.

<sup>57</sup> Manje qaphelani, khona-ke, into elandelayo uNkulunkulu ayenzayo, ngokushesha nje lapho sebebe ngamakholwa nabantwana, futhi bemukela uNkulunkulu, isitha sokufa ngokomzimba sabalandela. Futhi sasibavalele ekhoneni, khona lapho; nehlane ohlangothini olulodwa; uLwandle oluBomvu kolunye; izintaba ngakolunye; ibutho likaFaro liza, libajaha, izigidi zamasosha zimasha, ukubanjaba.

<sup>58</sup> Manje, uNkulunkulu wayebonakalisile ukuthi Wayebanikeze ukuphila, ngokufa kwewundlu; manje Uzobabonisa ukuhlengwa ngokomzimba. Haleluya! Niyabo, kokubili insindiso nokuphulukiswa, niyabo, komuntu wemvelo nomuntu wokomoya.

<sup>59</sup> INgelosi yokufa yadlula, ifakaziza ukuthi uNkulunkulu wayenze indlela yokuphunyula, ngomnikelo wegazi, futhi bawemukela. Manje Uzokwenza indlela yokuphunyuka ekufeni kwenyama.

<sup>60</sup> Njengekholwa, kuthi nje angasindiswa. Mhlawumbe umdlavuzwa usumudle wamqeda, noma esinye isifo. UNkulunkulu unokuhlengwa, futhi, ngamandla. Okufanayo njengoba Enokuhlengwa komphefumulo, Unokuhlengwa komzimba. Kwakuyi. . .

<sup>61</sup> Basindiswa, futhi basokwa. Babengaphansi kwegazi, kepha, nokho, uFaro wayehamba. . . Isitha sasizobabhuhisa, sibabulale bonke khona lapho ehlane, khona-ke uNkulunkulu wabonisa amandla aKhe okuhlengwa emzimbeni wabo. Niyakuthola na? Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ukuhlengwa ngamandla! Futhi-ke, ngenkathi isitha sasesiseduze ngqo kubo, iNsika yoMlilo engaphezu kwemvelo enkulu yakhuphuka ngaphezu kuka-Israeliyeli, iza ngapha futhi yema phakathi kwabo nokufa.

<sup>62</sup> Makuzike okwemizuzu embalwa. Ningakubona engikhuluma ngakho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

<sup>63</sup> Manje, kulo lonke ikholwa, umntwana kaNkulunkulu ozelwe ngokusha, lapho ukufa kufika kweba emnyango, ngaphambi kwesikhathi, iNgelosi kaNkulunkulu ima phakathi kwakho nokugula. Manje, uma ufuna ukugijimela kukho ngqo, leyo indaba yakho; kodwa awudingekile. Niyabo? Umi phakathi kwakho nokufa.

<sup>64</sup> Iminyaka engamashumi amabili nantathu edlule, eSibhedlela iJewish, uDkt. Morris Fletcher unginika amahora amathathu; omunye wabahlinzayo bakho obedlula bonke lapha edolobheni, unginika amahora amathathu ukuba ngiphile. Ngiyaphila, kulobubusuku. Haleluya! Ngani na? Ngomusa ongafanelwe, iNgelosi kaNkulunkulu yema phakathi kwami nokufa, ukungivikela, futhi ngaYemukela. Futhi ngokubonga, ngomusa kaNkulunkulu, ngizuze ingxenye yesigidi semphefumulo kuYe, kulobubusuku.

<sup>65</sup> O, ukuthi uNkulunkulu wazi kanjani ukwenza izinto, uma sizolandela nje. Ungazami ukuhola uNkulunkulu. Vumela uNkulunkulu akuhole. Niyabo? Yithina esifanelwe ukuholwa. Ngicabanga ukuthi yingakho uNkulunkulu wasifanisa nezimvu.

<sup>66</sup> Wake wayibona imvu ilahlekile na? Ngani, iyisidalwa esiphilayo esingenakuzisiza kakhulu emhlabeni. Ayikwazi ukuthola indlela yaso ndawo. Ivele nje ime futhi ikhale impisi iyidle, noma ife lapho. Ayikwazi ukuthola indlela yayo ebuyela emuva.

<sup>67</sup> Futhi yileyondlela, ukuthi, lapho umuntu elahlekile, akanakuzisiza ngokuphelele. Akukho lutho ongalwenza ngakho. UNkulunkulu, ngomusa, ufanele akuholele kuKristu. UJesu

wathi, “Akekho umuntu ongeza kiMi ngaphandle uma uBaba eMdonsa. Futhi wonke lowo Amdonsayo, futhi eze, ngizomnika ukuPhila okungunaphakade.” Isithembiso esinje pho!

<sup>68</sup> O, ngifisa sengathi ngingathola wonke umuntu phakathi lapha, ozocwila phansi le ngaphansi kobambo lwesihlanu ohlangothini lwesokunxele, kuze kushaye umnyombo wenhliziyo. Ubuyobona abantu bevuka nje, benazo zonke izinhlobo zezifo zilenga kubo, bahambe baphume kulesi sakhiwo, bethokoza, bala ukuba nakho. Izishosha beziyohamba ngokujwayelekile ngangezingakwenza. Bebeyonqaba ukwazi noma yini enye. Niyabo?

<sup>69</sup> Niyethuka. Niyesaba ukuqala. Nilindele uNkulunkulu ehle futhi akudonse akukhiphe. UNkulunkulu akakwenzi ngaleyo ndlela. Nguwe ozokwenza isinyathelo. Unikeza isithembiso, futhi athi, “Woza,” bese uyalandela.

<sup>70</sup> Manje qaphelani abantwana bakwa-Israyeli, khona-ke. UNkulunkulu weza futhi wema phakathi kwabo nengozi; amandla okuhlelwa... ukuhlelwa ngamandla, njalo. Ukuhlelwa ngegazi; ukuhlelwa ngamandla.

<sup>71</sup> Izolo ebusuku sibashiyile, begaqa benyuka osebeni, ngakolunye uhlangothi loLwandle oluBomvu. Zonke izitha, amasondo abo enqola ayekade ekhishiwe. Amahhashi abo ethukile, ngqo ngaphandle maphakathi nomfula, futhi ayephenduka kuyo yonke indlela, ehamba ngalendlela, namasondo abhajwa phansi odakeni futhi awa. Futhi isigejane sabantu begijima ngokuhlakazeka, isitha. U-Israyeli wakhwela waphumela phezu kosebe, ukubona uNkulunkulu elula isandla saKhe futhi ebhubhisa sonke isitha.

<sup>72</sup> Isifanekiso esihle, ikholwa, ngaphansi kweGazi; liphulukisiwe khona-ke ngomkhongi, amandla kaNkulunkulu esindisa impilo yalo, eyilulela isikhathi. Babezoba, bonke, bebulewe khona lapho; wayezobaceka khona lapho ehlane, ukuba uNkulunkulu wayengazange ame phakathi kwabo. Ngabe ngafa, esikhathini eside esidlule, ukuba uNkulunkulu wayengazange ame phakathi kwami nokufa. Lonke ikholwa phakathi lapha ngabe lafa, esikhathini eside esidlule, ukuba uNkulunkulu wayengazange ame phakathi kwakho nokufa; ngamunye wenu. Ngakho-ke, uNkulunkulu, emseni waKhe ozibusayo nobubele, uma phakathi kwekholwa nokufa. Haleluya!

<sup>73</sup> Nakhu. Khona-ke iyiphi into elandelayo yekholwa na? Into elandelayo ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele khona-ke. UMose wahola abantwana bakwa-Israyeli ezansi ngqo oLwandle oluBomvu, wabhaphathizwa oLwandle oluBomvu. Ulwandle, amanzi, emele uMoya. Ngenkathi eshaye iDwala, amanzi aphuma. Futhi kwakuyisifanekiso sikaKristu, kuJohane 3:16. “UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Wanikela

ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa kuYo angabhubhi, kepha abe nokuPhila okuphakade.” Qaphelani, abantu ababhubhayo, ehlane, basindiswa yiDwala elishayiweyo. Futhi abantu ababhubhayo usindisiwe namhlanje (bebhubha esonweni, bebhubha ebubini) ngenxa yokuthi iNdodana kaNkulunkulu eshayiweyo ithathe indawo yabo; amanzi, uMoya, egeleza!

<sup>74</sup> Qaphelani, ngifuna nibone manje, njengoba bedlule uLwandle oluBomvu, kwakungumfanekiso wokwemukela uMoya oNgewe. Ngemva kokuba ikholwa lhlengiwe ekufeni, liya ekuPhileni; amandla kaNkulunkulu aphulukise umzimba wakhe; manje ungongenele umbhaphathizo kaMoya oNgewe. Manje usenohambo, ngaleya, ngaphambi kwakhe; kodwa, ngaphambi kokuba ahlangani nalolo hambo, uzofanele abe nokuthile ukuba kumthwale kumdlulise. Amen. Isifanekiso esiphelele sePentekoste!

<sup>75</sup> Qaphelani, njengoba begaqa bephuma osebeni. Lonke ikholwa, uma ungena futhi usindisiwe, wemukela iGazi likaJesu, usalokhu uzama ukulengela *kulokhu* futhi ulengele *kulokho*, futhi awukwazi ukuyekela *lokhu* futhi awukwazi ukuyekela *lokho*. Ngemva kwesikhashana, uNkulunkulu angakwenzela izinto ezinhle; kodwa awukwazi ukuyeka osikilidi bakho, uzofanele uthathe isiphuzo sokuzijabulisa nabafo njalo njalo. Kodwa okudingeka ukwenze ngukudlula uLwandle oluBomvu.

<sup>76</sup> Lapho bephumela ngakolunye uhlangothi. Nakhu. Ngifuna nikubone. Njengoba bephumela ngakolunye uhlangothi, bagaqa benyukela osebeni base bebuka emuva, futhi babona zonke lezo zinduna ababebashayile, babulala abanye babo. Njengomdlavuza nosikilidi nogwayi nogologo nakho konke okunye, baqhubela abantwanyana ekusanganeni, bathumela endaweni yokukhoseliswa, ezibhedlela, nesigejane sabaguliswa yimizwa nakho konke okunye okukhiqizwa emhlabeni. Lapho sebebuka emuva futhi babona zonke lezo zinto zizabalaza, zingenasizo, futhi zifa olwandle. Mfowethu, ukhuluma ngomhlangano; baba nowodwa!

<sup>77</sup> UMose! O, ngizokwenza lokhu kuzike ngokujulile. Ngithemba ukuthi kuya le phansi. UMose, umprofethi omkhulu kunabo bonke owake waphila, ngaphandle kukaJesu Kristu. Akukaze kube khona umuntu uNkulunkulu ake akhuluma kuye, njengoba enza kuMose, ngaphandle kukaKristu. Wathi, “Uma ekhona owomoya, noma umprofethi, phakathi kwenu, Ngizomkhombisa imibono Ngizazise kuye. Kodwa hhayi inceku yaMi uMose; Ngikhuluma umlomo nomlomo naye.” Kunjalo.

<sup>78</sup> UMose, lendoda ehloniphekile. Ngokushesha nje edlula kuleso sehlakalo, wabona zonke lezo zinduna zifile, wayazi ukuthi zonke lezo zinto zase zihambe ingunaphakade khonake. Zonke lezozinto ezazibaqhubile, futhi zibashaya, futhi

zababhaxabula, zaqedwa. Waphakamisa izandla zakhe wase ecula eMoyeni. O, he!

<sup>79</sup> Akukaze kufanisiwe, futhi ngeke kufaniswe, kuze kuba sifinyelela eNkazimulweni phezulu ngaleya. Lapho ukupheleliswa kwenziwa lapho, wacula eMoyeni. Futhi uma sesihlengiwe emzimbeni. . .

<sup>80</sup> Lokho kwakungumfanekiso kaMoya oNgcwele uza ePentekoste, lapho sidabula ulwandle. Kwakuyisifanekiso sePentekoste. Futhi uMose, kwi anti-...emfanekisweni emuva lapho, ngenkathi edule kulokho, wacula eMoyeni. Kufika ngoSuku lwePentekoste. Futhi ngenkathi umzimba usuphelele, uhlangiwe. . .Manje umphefumulo wethu uhlangwe ngokuphelele, kunjalo, “angeke ubhubhe; unokuPhila okungunaphakade.” Lokho iBhayibheli elikushoyo!

<sup>81</sup> O, ngizizwa ngikahle. Qaphelani ukuthi kungani. Ngoba ngiyazi ukuthi ngu ISHO KANJE INKOSI. Bambelelisa okwehange nje umphefumulo wami lapho, futhi uhambe uqhubeke, bese uthi, “Sathane, vele uswebeze konke okufunayo, kimi. Ungangikhathazi, ngoba ngiyamazi Lowo engimkholiwe, futhi ngikhohisekile ukuthi Unamandla ukugcina lokho engizinikele ngakho kuYe oSukwini.” Amen.

<sup>82</sup> Esikudingayo kulobubusuku ngenhle, imfashini endala, uBilly Sunday, wabhidliza, imvuselelo kahaleluya, yilokho esikudingayo ngaseLouisville lapha. Kunjalo, ngidinga enhle, imfashini endala, imvuselelo yepentecostal ethunyelwe nguNkulunkulu. Yebo, mnumzane.

<sup>83</sup> Qaphelani, khona-ke, lapho imizimba yethu ihlangiwe. . . Okungukuthi, sinokuphulukiswa kukaNkulunkulu manje, njengesithunzi.

<sup>84</sup> Njengoba lokho kwakuyisithunzi lapho sePentekoste, bukani lokho abakwenzile ngesikhathi sethunzi, kwensindiso. Bukani ukuthi bahamba kanjani lapho phambi kukaNkulunkulu, “Bacima u...unqenqema nokunjalo... komlilo, futhi baphunyuka usiko lwenkemba,” zonke lezi zinto abazenzayo, “kuphuma esithandweni somlilo; kude emphandwini wezingonyama, nakho konke,” ngethunzi, haleluya, ngethunzi lePentekoste.

<sup>85</sup> Manje sinokuhlelwa okuphelele ngeGazi likaKristu. Babengeke babe nokuhlelwa okuphelele ngaleso sikhathi, ngoba kwakungaphansi kwegazi lezinkunzi nezimbuzi, futhi angeke kususe isono; kuphela kwasisibekela isono. Kodwa ngenkathi iGazi likaJesu lachitheka, iGazi elingcwele kakhulu, izono zazingasibekelwe; zalahlwa ngesehlukaniso futhi kwaqedwa ngazo, futhi ikholwa liya eBukhoneni boMenzi walo. Haleluya!

<sup>86</sup> Uma benza lokho ngaleso sikhathi, isithunzi lapho, sikaMose ecula eMoyeni; khona-ke, ngaleya eSambulweni,

labo asebenokuhlengwa okuphelele komzimba, bama olwandle lwengilazi futhi bacula iculo likaMose futhi, ngaleya eNcwadini yeSambulo.

<sup>87</sup> Ukhuluma ngomhlangano ka—kaMoya oNgcwele na? Babenawo ngenkathi bevuka kulolo sebe. Lalela, dadewethu. UMiriyamu omncane ohloniphekile, umprofethikazi, udadewabo kaMose, umprofethikazi, wathokoza kakhulu waze wabamba isigujana ithamborini futhi wagijima wehla ngosebe, eshaya lesi sigujana ithamborini, futhi esina esina eMoyeni. Kungesikhona lokho kuphela, kodwa wonke amadodakazi akwa-Israyeli amlandela, esina eMoyeni. Uma lokho kungesiwo uMoya oNgcwele uwa, angikaze ngiwubone owodwa. Ngani, kusobala, bona, bonke labo bagcini bamasiko, izizwe ezihloniphekile ngahle ukuba zabuka ngezipopolo zabo futhi babona lokho, ngabe basho, “iNtshisekelo eyeqile.” Kunjalo. Kodwa kwakunguNkulunkulu. Kunjalo!

<sup>88</sup> Izinto ezihloniphekile zibheka phansi, namuhla, phezu kwalokho uNkulunkulu akubusisile. Kunjalo!

<sup>89</sup> Kungikhumbuza indaba. Umfo wayenepulazi elikhulu kakhulu elihle. Wakha izinqolobane ezinkulu kakhulu ezinhle, zihloniphekile nje futhi zakudala ngakho konke, kodwa wayevilapha kakhulu ukulima. Kulungile. Kwakukhona omunye umlimi owayehlala eduzane naye; wayengenazinqolobane eziningi kakhulu, kodwa yena wayengumlimi wangempela, futhi wayebeke ukudla okunamnandi okuningi kuleyonqolobane ngalawonyaka. Futhi amankonyane amabili amancane azalwa, elilodwa enqolobaneni eyodwa nelinye kwenye. Lapho intwasahlobo ifika, bakhapha amankonyane amancane estebelini.

<sup>90</sup> Leyonkonyane encane esuka ngapha, yayondliwe kahle ngempela, he, ngenkathi lowo moya omkhulu uqala ukuyishaya, o, he, yakhahlela izithende zayo, yasuka yahamba, kakhulu nje ngangengakuhamba; ithimula, futhi igqabashiya, futhi impilingana, futhi iqhubeka.

<sup>91</sup> Futhi-ke omunye umlimi wakhapha eyakhe, ngalapho. Yayi—yayingenalutho ukuludla ngaphandle kokhula; ivilapha kakhulu ukulima, ivilapha ukuyondla.

<sup>92</sup> Ukufaka umqondo wabanye balaba belusi. Kunjalo! Kunjalo! Vilapha kakhulu! Akunamsebenzi walutho kakhulu. Futhi nje izinqolobane ezihloniphekile yilokho kuphela onakho. Faka uKudla okuthize lapho kwenkonyane! Kunjalo. Kunjalo. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kwashunyayelwa ngamandla, kuyobashisa. Kunjalo. Kodwa yilokho abakudingayo, kungukushisa okuthile okuhle okuyimfashini endala; lokho ibandla elikudingayo, lokho amalungu akudingayo. Qaphelani.

<sup>93</sup> Futhi lenkonyana encane endala yayimoshekile. Ohluphekayo, umfo omncane uphuma esibayeni, wayezace kakhulu kangangokuthi wayengakwazi ukuhamba. Futhi wapopola phansi ngomfantu, futhi wabuka ngaphesheya.

<sup>94</sup> Futhi wabona lelo elinye inkonyane lithimula nje. Lalikhuluphele lonke futhi liyindingilizi. Lalizizwa likahle. Lalikade lidla bonke ubusika.

<sup>95</sup> Futhi lelo elincane, inkonyane elibulawa yindlala labuka ngaphesheya, lathi, “Ubuhlanya obunjalo pho!” He! Impela, Lalonde kakhulu ukucabanga noma yini enye.

<sup>96</sup> Kodwa, ngiyanitshela, ngenkathi lelo elikhuluphiliswe lonke, bonke ubusika, mfowethu, lalazi ukuthi lalikhuphi. Lalinesikhathi esimnandi lapho lowo moya ofudumele uqala ukuliphetha.

<sup>97</sup> Futhi noma yimuphi umuntu ozelwe ngoMoya kaNkulunkulu, bayombiza ngohlanya noma noma yini enye. Kodwa ngenkathi lowo ufudumele, intwasahlobo, umoya kaMoya oNgcwele uqala ukuza njengalokho Wenza ngoSuku lwePentekoste, kukhona okuzokwenzeka. Kunjalo. Imimoya efudumele iqala ukuphetha; mfowethu, nonke nikhuluphaliswe ngeVangeli, nonke niyindingiliza futhi nizizwa nikahle. Khahlela futhi ube nesikhathi esimnandi.

<sup>98</sup> Yileyondlela uMiryamu nabo abenza ngayo. Babheka emuva phansi futhi babona zonke lezo zinto zakudala abake bazenza kanye, zase zifile futhi zingasekho. Base bebonile uNkulunkulu emukele igazi; base bebone amandla aKhe ekuphulukiseni kukaNkulunkulu, kumi phakathi kwabo; bedlula oLwandle oluBomvu, futhi babhaphathizwa ngoMoya; bahamba baqhubeka ngakolunye uhlangothi, benesikhathi esimnandi nje. Babengakhathalele ukuthi i . . .zonke izinhlangano zacabanga ngakho. Amen.

<sup>99</sup> Isifanekiso esiphelele kanje pho namhlanje, sekholwa eliyolinga ukuphuma.

<sup>100</sup> UNkulunkulu wathembisa ukuthi Uyohlinzeka isidingo sabo sonke. Wathembisa ukuthi Uyohlinzeka izidingo zethu zonke. Akazange abatshele ukuthi, “Ngiyokwenza indlela yokuphulukisa; Ngiyokwenza indlela yalokhu; Ngiyokwenza indlela yalokho.” Wathi, “Ngizoba nani!” Haleluya!

<sup>101</sup> Yilokho Akusho kithi. “Ngizoba nani, ngisho nakini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Yilokho kuphela okumele ngikusho. Awudingi ukuba uphikisane nalokhu, lokho, noma okunye. Uma Elapha, lokho kuyangenelisa; Ukuphulukisa kukaNkulunkulu kulapha, aMandla alapha. Yonke into Ayeyiyo lapho, Uyiyo manje, “uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.” Ngakho-ke, ungathatha isayense yakho yezenkolo futhi uminze nayo. Mfowethu, ngikholwa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo,

namuhla, naphakade; wathi, “Ngizoba nani, ngisho nakini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Yebo.

<sup>102</sup> Futhi nampo sebephumile lapho, futhi Wayekanye nabo. Manje wathi...O, babenobhasikidi omncane wesinkwa ekhanda labo; sonke sasesidliwe nya futhi singasekho. Babengasenaso. Baya kolala, belambe kancane ngalobobusuku. Kodwa ukusa okulandelayo lapho sebevukile, kwakunesinkwa silele kuwo wonke umhlabathi.

<sup>103</sup> Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo izinto; ukuvumela ukuba ufike phansi ngqo emzuzwini wokugcina, bese-ke ekukhombisa ukuthi Angenzani ngakho. Kunjalo. Uyathanda ukwenza lokho. Uyakuthanda. Uyathanda ukumangaza abantu baKhe.

<sup>104</sup> Wena ndoda uyathanda ukwenza umkakho kanjalo. Linda kuze kube usuku lwakhe lokuzalwa, umgcine nje ngaphansi kokusola, ngoba uyamthanda.

<sup>105</sup> Yileso sizathu uNkulunkulu esivumela sifike ekupheleni kwendlela ngesinye isikhathi, ngoba Uyasithanda futhi ufuna ukufakazisa okungaphezu kwemvelo kwaKhe namandla aKhe. Ngoba Uyasithanda, yingaleso sizathu Enza lokho. Yebo. Usivumela nje ukuba sifinyelele phansi endaweni lapho sesithi asilungele ukwenza isinyathelo sokugcina, khona-ke Unyathela esigcawini.

<sup>106</sup> Wavumela abantwana bamaHeberu bahambe phakathi esithandweni somlilo, kodwa lapha kwakukhona iNdoda yesine imi lapho nesishayisamoya, ikususa kubo. Niyabo? Uhlale ekhona. Akashiye neze. Uhlala eseduzane. “INGelosi yeNkosi inkandise ngakulabo abaMesabayo.”

<sup>107</sup> Lapho, ngalobo busuku, bacosha leso sinkwa ngakusasa ekuseni. Sengiyawabona lawo ma-Israyeli ayesanda kudabula uLwandle oluBomvu; lawo ayesanda kuhlengwa ngegazi; abona aMandla kaNkulunkulu okuphulukisa, noma aMandla ayisimangaliso emi phakathi kukaNkulunkulu...naphakathi kuka-Israyeli neGibhithe; futhi ayeminzise izitha emuva kwalokho.

<sup>108</sup> Njengomdlavuza omdala usuhambile kuze kube phakade, ubumpumpu the kwakungasekho, ubuthulu base bungasekho, isifo sikashukela sasesingasekho, yonk'into isiminzisiwe emuva ngaleya eGazini likaJesu Kristu. Nizizwa kanjani na? He!

<sup>109</sup> Behla ngomgwaqo, futhi omunye umgxeki omdala uthi, “Manje awume umzuzu! Uqinisekile ngalokho na?”

“Ungakhulumi nami.” Amen. O, he!

<sup>110</sup> Sengiyababona laphaya, ukubuthana nje nokubuthana, futhi bedla, futhi benesikhathi esimnandi kakhulu. Njengowemfashini endala, umhlangano kaMoya oNgcwele. Lapha kuzoza uMoya kaNkulunkulu uhamba phezu komunye



ongcwele omncane, uzofinyelela; akufake enhliziyweni kanjalo, futhi ampongolozwe, “Mayidunyiswe iNkosi!” Umhlangano oyimfashini endala nje onjalo. Yebo, mnumzane. Babekubamba nje kusukela kolunye uhlangothi kuya kolunye, benesikhathi esimnandi.

<sup>111</sup> Manje, leso sinkwa asizange siphela. Kwahamba yonke indlela ohambweni, ukwenzela bona. Kunjalo. Futhi kwakungumfanekiso ophela wepentekoste kithi. Lokho kwakukongokwemvelo. Leso sinkwa asizange siqamuke. Sahlala siyisinkwa esifanayo, baze bangena ezweni lesethembiso. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nina bafundi beBhayibheli niyakwazi. Futhi-ke uma si . . .

<sup>112</sup> Ibandla lagcotshwa ngoSuku lwePentekoste, lapho amakholwa ayephezulu lapho. “Futhi nakho kuvela umsindo njengomoya onamandla ovunguzayo, wagewalisa indlu lapho ababehlezi khona.” UMoya oNgcwele ofanayo owawa ngaleso sikhathi, uwa manje. Kuyohamba kuthi ngqu kusukela ngaleso sikhathi kuye ekupheleni kwesikhathi. Kuyohamba ngqo kudlule. Yisinkwa sethu. Bondliwa ngesinkwa esingokwemvelo; sondliwa ngesinkwa sokomoya.

<sup>113</sup> UJesu wathi, “NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu, esivela eZulwini.”

<sup>114</sup> Bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane, isikhathi seminyaka engamashumi amane.”

Wathi, “Bona, bonke, bafile.” Yebo, mnumzane.

<sup>115</sup> “Kodwa lowo odla inyama yaMi futhi aphuze iGazi laMi, unokuPhila okungunaphakade, futhi Ngiyomvusa ezinsukwini zokugcina. NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu, esivela eZulwini. Uma umuntu edla lesiSinkwa, akasoze afa.” Nakho laph’ukhona. Baba nesangokwemvelo; sinesokomoya. O, ngingekushintshanise nalutho. Kuyamangalisa!

<sup>116</sup> “O,” wena uthi, “Mfowethu Branham, sonke siyazi ukuthi uwuhlanya.” Awu, nginjalo, futhi. Ngiyisiwula sikaKristu. Uyisiwula sikabani wena na? Ungahle ube yisiwula sikadeveli. Kulungile. Ngakho-ke, ngingaqoka ukuba yisiwula sikaKristu. Ubungeke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile.

<sup>117</sup> Qaphelani, nansi enye into ngaleyo mana. Lapho beqala ukuyinambitha, bathi, “Inambitheka ngengoju.” Yebo, yayinoshukela. Ngingababona nje labo bangcwele abadala bencamuza izindebe zabo futhi bedla beqeda. Yayimnandi.

<sup>118</sup> Uke wakunambitha *Lokhu* na? *Lokhu* kumnandi, futhi. Wathi, “Nambithani futhi nibone, iNkosi yinhle. Kunambitheka njengoju edwaleni.” Ngenze lokhu kuphawula, izikhathi eziningi. Lokho, lapho uDavide wasendulo, owakhuluma lokho emaHubweni akhe, wathi, “Kunambitheka njengoju edwaleni.”

119 UDavide, engumalusi wezimvu, wayenesikhwama esincane sasenqulwini, babeziphatha ohlangothini lwabo, futhi bahlale bephethe uju kuso. Umelusi wezimvu omdala uyakwenza, nokho, e—ePalestine. Futhi uma imvu yabo—yabo egulayo iqhubeka, khona-ke, into yokuqala niyazi, wafinyelela ezansi futhi eya kothola ucwezu oluncane lwaloluju, futhi uyalithatha bese eluhlikihla edwaleni, idwala le-alamu. Futhi imvu iyaluthanda lololuju, ngakho iya kokhotha lololu edwaleni. Futhi kunokuthize nge-alamu ephilisa imvu egulayo.

120 Futhi ngiyanitshela, sinaso sonke isikhwama sasenqulwini esigcwele uju lapha kulobubusuku, futhi sizolubeka eDwaleni, uKristu Jesu. Futhi imvu egulayo iya kokhotha, uqinisekile ukuba usinde. Kunjalo, vele ukhothe, ukhothe, ukhothe. Futhi lapho usakhotha uju, ngani, uqinisekile ukuthola okunye kwe-alamu. Lokhu kuqiniseke njenganoma yini. Manje, ngeke sikubeke ebandleni. Sizoyibeka kuKristu, lapho kungokwakhona. Kunjalo. Isizathu, ukuphulukiswa kungokukaKristu, amen, njengaso sonke esinye isibusiso zokuhlengwa. Qaphelani.

121 Futhi enye into. Lapho leso siqala ukuwa, u-Aroni wayalwa ukuba aphume futhi athole iziqabetho zaso.

122 Manje, uma bazama ukugcina esinye benzela usuku lwesibili, sasonakala. Futhi yinqwaba kakhulu phakathi kwabantu bakaMoya oNgcwele kulobubusuku. Uzama ukucabanga, “Awu, eminyakeni engamashumi amabili edlule, sasinomlayezo omuhle. Sasine—sasinesikhathi esimnandi.” Unani kulobubusuku na? Yileyo into. Bona . . .

123 Yayiwa ngabo bonke ubusuku. Ayikaze ihluleke nakanye, kuphela nge—ngeSabatha. Kunjalo. Futhi manje uNkulunkulu uthumele phansi, entsha, ngabo bonke ubusuku; nsuku zonke, mahora onke, iyeza.

124 Qaphelani, lezo ziqabetho zazigcinwe zigcwele. Wathi, “Manje, bukani, lapho nifika ezweni, futhi abantwana benu beqala ukubuza ngalokhu. . .” Wathi, “Wonke umpriisti manje ongena ebupristini, emva kokuba esebe nemvume yokuza endaweni eNgcwele, nokunye nokunye, futhi wagcotshwa, umpriisti, khona-ke waba nelungelo lokungena futhi athathe umthamo wemana yasekuqaleni eyawa ekuqaleni.” Yona kanye eyokuqala eyawa, bayicosha futhi bayifaka esiqabethweni, futhi bayigcina, futhi yagcinelwa nje ubupristi.

125 Manje wena uthi, “Mfowethu Branham, kunasifanekiso sini lokho namhlanje na?”

126 Ngani, singubupristi. “Nina ningubupristi basebukhosini, isizwe esingcwele, abantu abayinqaba, abenza imihlatshelo yokomoya kuNkulunkulu, izithelo zezindebe zenu zinikeza ukubonga eGameni laKhe.” Amen. Nakho-ke. Manje, khona-

ke, ngoSuku lwePentekoste, lapho uMoya oNgcwele wawehla; imana yethu.

<sup>127</sup> Manje, wonke umpristi emuva lapho, ngaphansi kweTestamente eliDala, ngenkathi engene ukuba abe ngumpristi, babazi ukuthi bayothola umthamo wemana yasekuqaleni; hhayi ethize eyenziwe, ethize eyenziwe ngumuntu eyayibukeka njengayo. Kodwa babezothola enye kweyasekuqaleni.

<sup>128</sup> Awu, ngoSuku lwePentekoste, lapho imana yethu iqala ukuna, uMoya oNgcwele wafika njengomoya onamandla ovunguzayo. Lapha kwakuyisigejane sabancane, sabantu abahloniphekile, ikhulu namashumi amabili, ekamelweni eliphezulu; iminyango ivaliwe, amawindi evaliwe, behlezi emuva lapho, belindele isithembiso. Ya, babekade benoJesu, impela. Babewazi amandla aKhe, nakho konke lokho, kodwa babelindele isithembiso.

<sup>129</sup> Yilokho esikufunayo kulobubusuku. Ukuba... Uma leliqembu labantu lingaba sekuvumelaneni kunye, njengoba babenjalo ngalobobusuku, into efanayo ibiyophinda kulobubusuku, khona lapha kulesi sakhiwo, eLouisville, eKentucky, eyaphinda ngoSuku lwePentekoste. Kunjalo. O, kusobala, babeyoba nohlobo olufanayo lwabagxeki lapha eLouisville ababenabo lapho. Kodwa, bonke babesendaweni eyodwa, ukuvumelana kunye. Futhi khona manjalo... .

<sup>130</sup> Nakho kwenyuka umfundisi, futhi wayenencwadi iletha, futhi basayina amagama abo futhi baba nesandla esikahle senhlanganyelo, futhi bangena enhlanganyelweni yebandla na? Lokho kungahle kube namhlanje, kodwa lokho kwakungesikho ngaleso sikhathi. Yileyo ndlela abaProtestani akwenza ngayo. IKatolika lihamba lenyukela e-altare bese lithatha isidlo salo sokuqala; likhothe ulimi lwalo, lithatha ucwecwana; nompristi uphuza iwayini. Khona-ke uba yilokho.

<sup>131</sup> Kodwa, mfowethu, “NgoSuku lwePentekoste, babesekuvumelaneni kunye, endaweni eyodwa, khona-ke khona manjalo nakho kwavela umsindo eZulwini,” umuntu wayengahlanganise lutho naLokho, “njengomoya onamandla ovunguzayo. Wagcwalisa indlu yonke lapho babehlezi khona.” AMandla kaNkulunkulu ashaya phezu kwabo! Bahamba baphumela ezitaladini, beziphathisa okwesigejane sezinhlanganyela; njengoba benza ezansi lapho bedlule oLwandle oluBomvu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bamemeza kakhulu. Baqhubeka. Badiyazela. Bangingiza ngezindebe zabo.

<sup>132</sup> Bona, o, ukuqhubeka okunjalo, wena...kwaze kwathi abantu, ibandla elihloniphekile, lamela emuva lase lithi, “Laba bantu badakwe yiwayini elisha.”

<sup>133</sup> Haleluya! Uzongibiza ngo “mgingqiki ongcwele,” empeleni, ngakho usungavele uqale manje. Kulungile.

<sup>134</sup> Bukani, babegcwele iWayini elisha, kunjalo, iWayini elivela kuNkulunkulu, livela eZulwini. Senake nambona umuntu odakiwe na? Uthandana nje nabo bonke abantu, niyabo. Akanandaba. Yileyo ndlela umuntu angayo lapho edakwa nguMoya. IBhayibheli lathi, “Ningadakwa wuphuzo olunamandla, ngokweqile, kepha ukudakwa eMoyeni.” UMoya kaNkulunkulu ukwenza udakwe kakhulu, ukhohlwa yizo zonke izitha zakho, nakho konke. Wonk’umuntu uthandana nawe. Akanandaba ukuthi ngubani omi ngakuwe. Ungumuntu omkhulu kunabo bonke ezweni ngaleso sikhathi.

<sup>135</sup> Angikhathali uma umakhelwane wakho, ehlezi eduze kwakho, waya kwelinye ibandla elihloniphekile; vumela nje uMoya oNgcwele ukungene ngaso leso sikhathi, ubone ukuthi kwenzekani. Lungisa, kahle ngempela, udakwe yisobho, uzobona ukuthi kwenzekani. Uyothi, “Dadewethu, ngiWutholile! UyaWufuna, nawe!” Kunjalo. Yebo, mnumzane, kukhona okuzokwenzeka.

<sup>136</sup> Nakho lapho babekhona, bonke bedakwe yiWayini elisha. Futhi, lalalani, abanye benu bodadewethu lapha, benazi ukuthi intombi uMariya obusisiwe wayekulelo na? Manje, wayedingeka akhuphukele lapho. Unina kaJesu Kristu wadingeka akhuphukele lapho futhi abandakanywe kuleso sigejane sabantu, adakwe kakhulu nguMoya waze wadiyazela njengokungathi wayedakwe ugologo noma okuthize.

<sup>137</sup> Futhi wena ucabanga ukuthi uzofika eZulwini ngokunyanya ebandleni futhi ugodle incwadi yakho yamaculo ekhwapheni lakho, futhi uhamba ngale njalo ngeSonto ekuseni, nensimbi ikhala, futhi uhlele futhi ulalele kokunye kwe. . . futhi uhambe ubuyele emuva na? Awuzose wakwenza.

<sup>138</sup> Uyodingeka uhambe ngalowomzila, ngenxa yokuthi yilowo mzila kuphela uNkulunkulu ake wawendlala, futhi ubehlale enza. Futhi uyowuhamba, noma ngeke ube Lapho. Angiyena umehluleli wakho, kepha ngishumayela iVangeli. Lokho yilona kanye iQiniso. Intombi ebusisiweyo yayilapho ngqo, yaziphathisa okobuthutha njengoba kwenza bonke abanye, edakwe njengabo bonke abanye babo. Lamadoda nabesifazane, bonke, wayegcwele iWayini elisha. Uma uNkulunkulu ake aguqula lolo hlelo, beka umunwe wakho emBhalweni wenzele mina; akukho lapho. Qhabo, mnumzane. Wahamba wayothi ngqu ekupheleni komnyaka, ngaleyondlela, kuze kuyothi ngqu ekupheleni kweBhayibheli, futhi kuzoba into efanayo lapho uJesu efika.

<sup>139</sup> Bukani! Ngesikhathi besadakiwe yilelo Wayini elisha, bukani, siyabona uma uNkulunkulu wagcwalisa isiqabetho senu nonke. Kulungile.

<sup>140</sup> Nakhu lapha kwakuyibo bonke bemi ngaphandle lapho, futhi umshumayeli omdala oyigwala ogama lakhe linguPetru,

i “dwala elincane,” wayekade esaba kakhulu isikhundla sakhe waze waphika uJesu, futhi wabaleka waphuma futhi wakhuleka waqeda, futhi wayefanele ahlanganiswe nabo. Wama ebhokisini lensipho noma into ethile, wathi, “Kungani, nina madoda aseJudiya, nani enakhe eJerusalema!” Labo kwakungodokotela, oD.D. O, wathi, “Nina madoda a... namadoda akwa-Israyeli, nabakhileyo eJerusalema, nokunye nokunye, makwazeke lokhu kini. Laba kabadakiwe, njengoba nicabanga, nibona kulihora lesithathu losuku. Kodwa lokhu yilokho...”

141 Uma lokhu kungesikho Lokho, ngifuna ukugcina lokhu kuze kufike Lokho. Leyo yinto eyodwa.

142 Wathi, “Lokhu yilokho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, ‘Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, Ngiyothulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha; futhi phezu kwezinceku zaMi nezincekukazi ngizothulula uMoya waMi, futhi ziyakuprofetha; futhi Ngiyobonisa izibonakaliso emazulwini ngaphezulu, nasemhlabeni; nezinsika zomlilo, nomusi, nomhwamuko; futhi kuyakufezeka, ngaphambi kosuku lweNkosi olukhulu nolwesabekayo luyakufika, noma ubani oyakubiza iGama leNkosi yakusindiswa.’”

143 Leso sigejane sabazikhukhumezayo, abambatha izingubo ezinde, abapristi abanokuzenzisa, sathi, “Yini esingayenza ukuba sisindiswe na?”

144 UPetru wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona-ke niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Kukude kangakanani na? “Ngokuba isithembiso singesenu, nesabantwana benu, nabakude, iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

145 Khona-ke, wonke umuntu ophendukayo futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, futhi uNkulunkulu umnika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, akatholi okuthile okubheka njengemana yasekuqaleni, kodwa, akatholi nje kuphela umthamo wemana yasekuqaleni, kodwa uthola okugcwele inhliziyi koMoya oNgcwele ofanayo.

146 Ungahle uthi, “Juqula lokho kancanyana.” Ngiyazi ukuthi nginomsindo omkhulu kancane kulokho, kodwa nje angikwazi ukuzibamba. Qaphelani, bukani. Anginithethisi. Ngingahle ngiphindaphinde kukho. Kodwa, o, uma uzizwele njengoba ngizwile, ubuyoba nomsindo omkhulu, nawe.

147 Qaphelani, o, inhliziyi egcwele okwemana yasekuqaleni eyana ekuqaleni; uMoya oNgcwele ofanayo owana ngaleso sikhathi, uyana manje. Futhi Ubuyoya kuphi na? “Kuwe, abantwa bakho, labo abakude,” iLouisville, iKentucky, “nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza, bayomukela into efanayo naleyo esinayo lapha.”

<sup>148</sup> Yilokho Akushoyo. UNkulunkulu wakubusisa. Wakushumayela. UMoya oNgcwele waKuletha; NgiKutholile; lokho kuyakuxazulula. Amen. Lokho, lokho kuhle ngokwenele kimi. NgaMthatha eZwini laKhe; Wakwenza. Uma uKufuna, ungaba naKho, nawe. Kunjalo.

<sup>149</sup> Ngakho-ke phumani e—esimweni sokufa, bese nivuka, futhi nje ukushukumise kanjalo futhi kukuvuse. Futhi into yokuqala, uyaqalaza futhi konke kuzobukeka kuhlukile kuwe. Lowomfo obungeke ukhulume naye, uzophuthuma ukuba ufike kuye futhi ukhulume naye; yebo, mnumzane, ubufanele ukhulume naye nje, yilokho kuphela. O, zonke lezozinto, buyisa lawo mathuluzi amadala ethayi, futhi konke i... lezo zinto ozikhiphe ehhotela ngaleso sikhathi. Lelo thawula elidala owasonga ngalo lezo zinto ezakhiwe ngesiliva owazithatha etafuleni; uzophuthuma uphindele emuva, ukuthola ukuba ukubuyisele emuva. Impela uzokwenza. Yebo, mnumzane. Kuyokwenza isidalwa esisha kuKristu Jesu. Manje bukani uMariya. O, he!

Sifanele siphuthume. Sihambisana kahle.

<sup>150</sup> Nampa behamba, bedabula ehlane manje, emva komhlangano oyimfashini endala. Manje basohambweni lwabo. Akumangalisi yini ukuthi baholwa ngqo ngokuqondile eHlane leSono, phezulu ngqo ukuya ehlane, phezulu ngqo ukungena e—emthonjeni wamanzi ababayo na? Ungacabanga nje uNkulunkulu ethatha abantwana baKhe, khona nje ngemva kokuba sebesindisiwe futhi begcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ukuya emithonjeni yamanzi ababayo na? Impela. Engathanda ukuzwakalisa uthando lwaKhe kubo futhi. Kunjalo. Bakhuphukela lapho.

<sup>151</sup> Niyazi, uma uthola uMoya oNgcwele, unakana nezithikamezo eziningi. “Ziningi izinhlupheko zabalungileyo, kepha uNkulunkulu uyamkhulula kuzo zonke.” UNkulunkulu ukuletha phezulu ngqo, ebhekane nakho, ukuze Akwazi ukukhombisa amandla aKhe nokulunga kwaKhe.

<sup>152</sup> Njengoba ngezwa ngendaba yomalusi wezimvu waseJerusalema, owayephule umlenze wemvu yakhe. Bathi, “Kungani, wena malusi wezimvu ononya. Kungani uphule umlenze wemvu na?”

<sup>153</sup> Wathi, “Awu, ayiziphathanga sengathi iyangithanda. Ngakho ngacabanga ukuthi ngiyophula umlenze wayo nje, ukuze ngizodingeka ngiyinike ukunakekelwa okukhethekile, khona-ke iyongithanda kusukela ngaleso sikhathi kuya phambili.”

<sup>154</sup> Ngezinye izikhathi uNkulunkulu ufanele akulalise ngomhlane wakho, ngokugula, ukuze udokotela athi uzokufa. UNkulunkulu angakunikeza ukwelashwa okuncane okukhethekile ukuze uzoMthanda ngaphezudlwana. Kunjalo.

Abanye ngamanzi, abanye ngesikhukhula,  
 Abanye ngezilingo ezijulile, kepha bonke  
 ngeGazi;  
 UJesu uhola iBandla laKhe.

155 Manje, ngenkathi babelapho, futhi amanzi ayebaba futhi abakwazanga ukuphuza, uNkulunkulu wahlinzeka indlela. Umuthi omdadlana uvunguza lapho osebeni, uMose wawunquma nje wase ewuphonsa emanzini, kwaguqula yonke into; amahle, amanzi amnandi.

156 Manje uma unqwamana namanye amanzi akho ababayo, noma into ethize enye efana naleyo, kukhona umuthi, kulobubusuku, ngokukhuluma ngokomoya, ulenga eGolgotha, noma izwe, kulobubusuku, ozokwenza mnandi noma yimaphi amanzi ababayo ongaholwa ngawo. Kunjalo. ICalvary liyokwenza mnandi noma yisiphi isehlakalo. Izikhathi eziningi singena ezindaweni ezinzima, futhi sizibuze ukuthi kanjani. Ngakho ngivala amehlo ami ngesikhathi esithile, bese ngicabanga, “Ngaleya eGolgotha, lapho uMhlengi wami wopha futhi wafela impilo yami,” khona-ke isivivinyo sami sasibonakala sisincane kakhulu. Ngivele ngiphonse eceleni bese ngihamba ngiqhubeka. Kukwenza kube mnandi. Kwenza mnandi sonke isehlakalo engake ngabanaso. Uhlala njalo esenza sibe mnandi, uma ngifika emanzini ami aseMara.

157 Manje, sesiseduze ukubabamba manje ngapha ehlane, emva kwazo zonke lezo zibonakaliso ezinkulu nezimangaliso. Imvuselelo yayisithulile. Futhi into yokuqala uyazi, lapho imvuselelo isithulile, ngani, bakhohlwa konke ngezimangaliso.

158 Lokho asekuthi akufane nje nabantu namuhla na? Bayakhohlwa yilokho uNkulunkulu akwenza ngonyaka odlule. Lokho uNkulunkulu akwenza emhlanganweni phandle lapha esikoleni esiphakeme, nikhohlwa konke ngakho. Niyabo? Lokho uNkulunkulu akwenza, siyakukhohlwa nje.

159 Manje, qaphelani, futhi ngoba baqala ukuphikisana omunye nomunye, “Awu, ngempela ngi, empeleni, ngiyiMethodisti. Ibandla lethu lingelikhulu kunawo onke.” “NgiyiBaptisti, futhi ngizokutshela khona manje, sikholelwa ekuphepheni kwaPhakade, futhi sinaKho. Nonke aninayo imfundiso, empeleni.” Yilapho ungena enkathazweni, futhi ukuhlinzekwa kwamanzi kwakho kuyanqamuka. Kunjalo. Kunjalo.

160 Yilapho, ihlane, uma ehlala phandle ehlane, uqala ukukhononda, ukukhononda nokukhalaza. “Awu, ngizokutshela. Ngizokutshela, ngenkathi lowo melusi omdala wayelapha, lowo mshumayeli omdala owashumayela leyo nkolo yakudala njengaleyo, a—angazi noma wayeqinisile noma qhabo. Ngizokutshela, wa—wahlanyisa umama wami kakhulu, ngobunye ubusuku, waya ekhaya. Futhi ngizokutshela, washukunyiswa, kanjalo.” Wayefanele ukuba njalo. Kunjalo. “O,

angazi noma ngiyafuna ukuzwa okunye futhi kwaLokho, noma qhabo.” Futhi yilapho-ke amanzi akho anqanyulwa khona. Kunjalo. Yilapho ongena khona ehlane.

<sup>161</sup> Baqala ukukhononda. Bathi, “Imiphefumulo yethu—yethu iyanengwa yilesi sinkwa esilula.” Ngemva kokuba sebeshiye ogaliga no-anyanisi baseGibhithe, futhi wayedla ukudla kweNgelosi, futhi esalokhu ekhononda. Lokho akufani yini nebandla na? Manje ngehlela kubantu abangcwele manje, nina nonke; ya, nonke. Nidla ukudla kweziNgelosi, nase nithi, “Ngifisa sengathi sasisemuva eGibhithe, ukuthola omunye futhi ugaliga.”

<sup>162</sup> “UClayton McMichen noWildcats wakhe uzoba sebhareni kulobu busuku. Ukuba ngangingalijoyinanga lelo bandla elidala, bengizoya ezansi.” Usungavele uqhubeke. Lapho ingcebo yakho ikhona, nenhliziyo yakho ikhona nayo. Awutholanga lutho neze ngenkathi uqala. Kunjalo. Kunjalo. “O, ngingathanda ukwenza *lokhu*, noma ngenze *lokho*.” Nakho laph’ukhona, njalo isikhakazo.

<sup>163</sup> Futhi bashiya amanzi anodaka aseGibhithe, ukuba baphuze amanzi acolekile avela eDwaleni leMinyaka, futhi wayekhononda ngaWo. Bashiya indawo lapho ezinkulu, izinyanga eziziqhayisayo zaseGibhithe, abaziqhayisayo abakhulu nabo bonke, ukuba neNyanga eNkulu. Bashiya indawo lapho basho khona, ukuthi, “Izinsuku zezimangaliso selwadlula,” ukuba nabantu ababenezibonakaliso nezimangaliso zibalandela, futhi besalokhu bekhononda. O, he! Yebo, mnumzane. Ezansi lapho, kusobala, abaseGibhithe, babengabeZizwe ababandayo, abangenandaba. Abakholelwanga entweni enjalo njengezimangaliso.

<sup>164</sup> Khona-ke, babephandle lapha lapho babeneNsika yoMlilo ibakakile. SinaYo kulobubusuku. Babephandle lapho babenenjabulo ekamu, bememeza, izimangaliso zenziwa, nakho konke, bese-ke bekhononda ngakho. Yilesi sizathu amanzi oma, yilesi sizathu babengenalutho ukuludla noma ukuluphuza, ngoba babekhononda.

<sup>165</sup> Futhi yileyo indaba ngamabandla angaseLouisville, kulobubusuku; ekhononda, ekhalaza. Isihe! Buyelani ehhanisini. Yilokho-ke.

<sup>166</sup> “Khona-ke ubani lomfo, Mose na? Kungani silalelile, silalela lomshumayeli ongumgingqiki ongcwele, empeleni na? Yini esiyenzayo phandle lapha na?” Nokuhlinzekwa kwamanzi kwabo koma.

<sup>167</sup> Ngicabanga ngoMose, leyo ndoda enkulu. Wafundiswa kukho konke uku—ukuhlakanipha kwabaseGibhithe. Ake simbuke nje okwemizuzu embalwa nje. Ake sithathe uMose, okomzuzu nje. Sibuke lowomfo. Waye. . .



168 AbaseGibhithe, babekude kakhulu kunathi namhlanje, uma sekuziwa esayenseni yethu yezokwelapha. Babekude kakhulu kunathi. Izinto eziningi ababengayenza esingekwazi.

169 Futhi uMose wayenalolunye ikhambi. Futhi ngenkathi ephandle lapho, cabanga, uMose wayenabantu abacelela ezigidini ezimbili ababekanye naye. Wayenabantwana abancane. Wayenamakhehla, izalukazi. Wayenezinyonga, nempumpithe. Izingane zazizalwa, izinkulungwane zazo, esikhathini esingangeviki. Futhi uMose, uDkt. Mose, wayephandle lapho ehlane nabo bonke laba bantu. Ngingathanda ukubheka ekhabetheini lakhe lemithi, beningeke na? Ngingathanda ukubona lokho uDkt. Mose ayenakho ekhabetheini lemithi. Ake nje sithathe ukupopola okuncane ngale ekhabetheini lemithi bese sibona ayenakho.

170 “Mose, ngani, yini onayo phakathi lapho, Mose na?” Ngani, sithola ukuthi ngenkathi lonke lolo hambo lweminyaka engamashumi amane, izingane ezingaphezu kwezigidini ezimbili yazalwa. Kunjalo. “Wasebenzisani, Mose na? Wasebenzisani ngakho konke lokho kulimala nobuhlungu nemidlavuza, nobumpumpithe, nobuthulu, nokungezwa na? Ngani, bayangitshela, ngenkathi uphuma ehlane, kwakungekho buthakathaka phakathi kwabo.” Yisho, angeke abanye balabodokotela bathande ukubuka kulelo, khabethe lemithi na?

171 “Futhi enye into, Mose, yini owayifafaza kulabo bantu, kwaze kwathi ngisho izingubo zabo zokugqoka zangaguga na? Izicathulo zabo azizange ziguge, behamba kulawo madwala.” Uma uke waba lapho, uyazi ukuthi ugwadule lubukeka kanjani, bagugisa izicathulo ezinsukwini ezintathu. Futhi abazange bagugise ngisho inhlayiya encane yesikhumba sabo, eminyakeni engamashumi amane. “Mose, yini eyayisekhabetheini lakho lemithi na?”

172 Ake sibuke kulo. Ngiyambona, “Linesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, ‘NgiyiNkosi ekuphilisayo.’” Lokho kuyakuxazulula. Amen.

173 Bathi, “O, Mose, ubaba wami ube ngapha, usanda kuwa nje futhi wephula umlenze wakhe. Umphathele ini na?”

174 “Ake ngibheke futhi ngibone. ‘Uma uyolalela iphimbo laMi, wenze konke eNgikuyala ngakho, Angiyikubeka lutho lwalezi zifo phezu kwenu, njengabaseGibhithe, ngokuba NgiyiNkosi ekuphilisayo.’ Mtshela lokho.” Wasinda. Amen. Kunjalo.

“O, ugula kabi kabi! Umntanami unesilumo, noma inyumoniya, embi kakhulu! Dkt. Mose, ngingenzenjani na?”

175 “Ake ngibone ukuthi nginani. ‘NgiyiNkosi ekuphilisayo.’” Lokho kuyakuxazulula. Amen. Basho bahamba. Kunjalo. Qhubeka, uthokoza. Yilokho kuphela ayekudinga, “NgiyiNkosi ekuphilisayo.”

176 Kwezingamakhulu ayisithupha nento, izithembiso eziyizo du zokuphulukiswa kukaNkulunkulu, eTestamente eLisha kuphela, futhi nokho sibuzwa uNkulunkulu, kulobubusuku. Kuyosho ukuthini ukwaHlulelwa kithi na? Kunjalo.

177 “NgiyiNkosi ekuphilisayo.” Yebo, mnumzane. Yilokho uMose ayenakho, uDkt. Mose ayenakho emkhakheni wakhe, kwelakhe. . . ekhabetheni lakhe lemithi, kwakuyilokhu, “NgiyiNkosi ekuphilisayo.” Ngakho Waphulukisa zonke izifo, futhi wabagcina ngokuphelele, wase ebaletsha ngqo ehlane, bangene ezweni lesethembiso. O, he!

178 Bashiya zonke lezo ezinkulu, izinyanga eziziqhayisayo, ukuba babe naleNyanga eNkulu. Babeshiye lesi sigejane sabantu ababebanda, abebandla ngegama, futhi abangenandaba, bethi, “Yayingekho into enjengezimangaliso.” Futhi khona lapha, iNsika yoMlilo yayilingela phezu kwabo. Abantu babephulukiswa. Konke, nakho konke ababekudinga, kwakunikezwe kahle kubo, kodwa nokho babekhononda lapho bephuma emanzini. Kodwa-ke emseni ozibusayo kaNkulunkulu, kukho konke lokho. . .

179 Njengoba nilapha eLouisville kulobubusuku, maphakathi kwakho konke lokhu kukhala, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. INhlangano yeZokwelapha izama ukumisa ukuphilisa kukaNkulunkulu, ezweni lonke.” Awusoze ukumise. Usungavele ume manje. Ungeke usaphinda ukumise konokuba ungamisa ilanga. Kunjalo.

180 Lapha eminyakeni embalwa eyedlule, ngenkathi ngiqale okokuqala nqa eJeffersonville, ngangishumayela ukuphilisa kukaNkulunkulu. Kwakungaziwa, ngokuphathekayo, iminyaka. Kwakuyinto enzima. Kodwa, mfowethu, kulobubusuku kukhona izigidi zakho, yonk’indawo, ukumemeza. Zama ukukumisa na? Ubungekwazi. “Mina iNkosi ngikuhlwaneyile; Ngizokunisela, imini nobusuku, ngaphandle uma abanye bezofanele bakuncothule esandleni saMi.”

181 Lapha kungekudala, ngangibuka eminye imizwilili emincane kwiStatue of Liberty. Yayilele nje lapho. Abafo abancane babelele nxazonke, ngaphansi kwesibani. Futhi ngathi, “Yini eyenza lokho na?” kumholi.

182 Wathi, “Bashaya bakhipe ubuchopho babo, izolo ebusuku, kuleso siphepho. Bangena elambini, futhi ilambu beliyobathatha libayise ekuphepheni, kodwa babezama ukucima ilambu. Futhi bashaya ubuchopho babo buphume, bezama ucima ilambu.”

183 Ngathi, “Udumo kuNkulunkulu!” Ngicabanga ukuthi wayecabanga ukuthi ngiyahlanya. Ngathi, “Lokho kungifaka engqondweni yabanye balaba bantu abazama ukushaya ukuphiliswa kukaNkulunkulu naMandla ovuko lukaJesu Kristu.” Uzoshaya umqondo wakho uphume; awusoze.

Kwemukeleke nje, futhi undize ngokuphepha, kukho. Kunjalo. Amen.

<sup>184</sup> “Khuluma edwaleni, Mose,” uNkulunkulu watshela uMose, “futhi lizoveza amanzi alo, alethe amanzi Akhe.”

<sup>185</sup> Lapha kungekudala, ngangibuka isithombe esithize endaweni yokugcina amagugu, salelidwala lishaywa. Futhi kwakubonakala njengomfudlana omncanyana ugobhoza, ocishe ube ngusayizi wenaliti yokuthunga. Ngacabanga ukuthi, “Zingaba umsangano kanjani lezi zingcweti zokudweba!” Ngani, mfowethu, ngingaphuza leyonto yome ukuba ngangomiwe. Yebo, mnumzane.

<sup>186</sup> Niyazi ukuthi uMose wayedingeka aphuze kuleloDwala na? Wayenabantu abangaphezu kwezigidi ezimbili, ngaphandle kwazo zonke izilwane. Kwathatha cishe amagalane ayizinkulungwane ezingamashumi amane ngomzuzu, uku—ukuphuza, bona. Halleluya!

<sup>187</sup> Lokho kungibeka emqondweni womuntu othile enkolweni yabo. Unenkolo eyanele nje ukuya kuSonto sikole ngeSonto ekuseni, ukukhwifa nje kancanyana bese kukuswakamisa kancane.

<sup>188</sup> Ngithanda ukuhlala eMthonjeni lapho kuphuma khona ukuphophoza, halleluya, okwanele ukungithatha kungiyise ePhakadeni. Halleluya! Ngiyajabula ukuthi ngaphuma kuleyo ndawo endala enomswakamo; ngale epayipini lapho ugeleza ngaso sonke sikhathi. Yebo, mnumzane.

<sup>189</sup> Abantu bavele baba nenkolo eyanele ukuba ibenze babe lusizi. “Awu, angikwazi ukuhlala ngaphezu kwemizuzu eyishumi. He, bakithi, uwayindwe isikhathi eside kangakanani lowomshumayeli na?” Ijule kangakanani insindiso yakho na? Kunjalo.

<sup>190</sup> Ukhuphuke ekuseni ngeSonto, bese uthi, “Awu, ngizokhuphuka bese ngizwa abakushoyo.” Futhi uthole ukukhwifela okukodwa okuncane bese ubuyela emuva, futhi lokho kungangakho konke onakho.

<sup>191</sup> Mfowethu, ngizokutshela, ngenkathi uMose eshaye leloDwala, lanisela lonke ihlane. Amen. Yebo, mnumzane. Into kuphela, konke ababekudinga, bawela phansi ngqo futhi baphuza, baphuza, baphuza baze bagcwaliswa nje. Noma kunjalo, amanzi amaningi ayeza, cishe izinkulungwane ezingamashumi amane zamagalane ngomzuzu. Kucabange, abantu abangaki, isigidi sabantu, abantu abayizigidi ezimbili ababengaphuza, ngesikhathi somzuzu; abantu abomile, ngaphandle kwamakameli, nezilwane, nezinto ababenazo. Futhi iBhayibheli lathi, “Kwaphuma ngobuningi.” Avela abhonga nje, edabula ehlane.

Yileyo ndlela uJesu Kristu apha ngayo uMoya oNgcwele.

<sup>192</sup> Hhayi kancanyanyana nje, ukuthi, “Awu, ngikholwa ukuthi ngizohamba bese ngijoyina ibandla.” O, he! “O, angikwazi ukumela lowomsindo. Unginika uhlevane.” Uma uke ufe, ubuyobandela ukufa uma ufika eZulwini, ngoba, mfowethu, uzozwa umsindo omunye uma ufika Lapho. IBhayibheli lathi bayamemeza “haleluya,” imini nobusuku; usuku lonke, ngoba akukho busuku. Kunjalo. Ngokuqinisekile uzofa lapho ufika eZulwini, usuku lwesibili phezulu Lapho. Yebo, mnumzane. Awu, uvele nje. . .lokho okwenzile, uvele wahamba nje futhi wathola umswakamo, kancane.

<sup>193</sup> Ungehlale phansi ngasempophomweni, futhi uvumele ageleze ehle aze akugeze akukhiphe ungene e. . .haleluya, ungena kwimaphakathi, futhi uze ulahlekelwe nguwe futhi ungazi ukuthi ukuphi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Yileyo ndlela ofuna ukuyithola.

<sup>194</sup> Ngangivame ukutshela umalume wami, ubabayi wami, “Mfana, ngiyakwazi ukubhukuda,” kulelichibi elincane enhla lapha ku-Utica Pike.

<sup>195</sup> Ngolunye usuku, ubabayi wabuyela emuva futhi wahlala emseleni wokudonsa amanzi, wathi, “Ngifuna ukukubona ubhukuda.” Ichibi elincane lalithi alijule *kangako*. Ngangimi ebhokisini lensipho. Ngahhundula izinto zami, ngabamba ikhala lami *kanje*, futhi ngagxumagxuma phansi naphezulu ebhokisini lensipho. Ngashaya, udaka lwandiza ndawo zombili, futhi ngiqala ukusaphaza udaka.

Ngathi, “Ngenza kanjani, Babayi na?”

<sup>196</sup> Wathi, “Phuma lapho.” Ukubhukuda? Ukugaqa odakeni, sonke isikhathi.

<sup>197</sup> Sinamalungu amaningi agaqa odakeni, futhi. Kunjalo. Kunjalo, abagaqa odakeni. Yebo, mnumzane.

<sup>198</sup> Ngolunye usuku, umalume wangikhipha esikebheni futhi ngangifa ngokubhukuda; ngapha eMfuleni i-Ohio, cishe ifidi elingamashumi amabili amanzi. Wavele wathatha isigwedlo wase engishaya engiphonsela emanzini, wathi, “Manje kuthiwani ngakho na?” Amen. Haleluya! Kwadingeka ngibhukude noma ngigwilize, khona-ke. O, he!

<sup>199</sup> Usungavele uKujwayele manje. Phumela empophomweni, lapho uNkulunkulu evula khona idwala lapho ehlane futhi akuthulule nje. “Khuluma eDwaleni,” Wathi, “futhi liyoveza namanzi aLo.”

<sup>200</sup> Mhlawumbe, mngane wami, kulobubusuku, mhlawumbe uyabhubha. Ufanele ukhulume eDwaleni. Kunjalo.

<sup>201</sup> Mhlawumbe uye kuyo yonke indawo. Mhlawumbe uye ebandleni, futhi wajoyina iMethodisti, futhi wajoyina iBaptisti; futhi bakudinelwa, futhi waya kwiPresbyterian; futhi wabuyela

kumaPentecostal, ngale kwiNazarene, ezansi kwiPilgrim Holiness. Futhi uselokhu ungenakho ukuqonda.

<sup>202</sup> Vele ukhulume eDwaleni, kulobubusuku. Vele nje... Ngabe uyazwana naYe na? Ya. Wathi, “Khuluma eDwaleni, futhi Uzoveza amanzi aLo.” Lizoveza amanzi aKhe, uma wena nje... Awudingeki ukuma uMshaye, futhi. Khuluma kuYe. Ekuvumelaneni kobungane nje, khuluma kuYe.

<sup>203</sup> Mhlawumbe kade ukudokotela. Mhlawumbe wenze konke okwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, ukuzama ukusinda. Mhlawumbe wenze konke nje okusemandleni akho, cishe impela, futhi awusindi. Wonke udokotela, uye kulo lonke ihhovisi obuwazi ukuthi kanjani, futhi udokotela wathi, “Vele nje... Akukho lutho ongenzelwa lona.” Awukhulumi ngani eDwaleni, kulobubusuku na? Uzo... Unamazwi okuPhila lapho akho, ekunika ukuPhila okuningi kakhulu.

<sup>204</sup> Ngesinye isikhathi kwakukhona owesifazane, eBhayibhelini, ogama linguHagari. Ngicabanga ngaye. Futhi ngilungiselela ukuvala; isikhathi. Kwakukhona owesifazane ogama linguHagari, futhi wayenengane encane. Wakhishelwa ehlane, nojeke omncane wamanzi. Wondla into encane, usuku lonke gulukunqu. Kodwa amanzi aphela, cishe maphakathi nosuku, futhi nengane encane yayikhala kakhulu futhi ikhala. Izindebe zayo ezincane zoma nolwimi lwayo lwaluvuvukala. Ompofu, umama othandekayo, yini engabe wayenza na? Wayethungathe yonke indawo encane ayengakwazi, ukuthola amanzi, kodwa kwakungekho amanzi ayengatholakala. Akakwazanga ukumela ukubona ingane ifa; ngakho wayilalisa ngaphansi kwehlathi, wase ehamba cishe ibanga elingangokudubula komnsali.

<sup>205</sup> Futhi waguqa phansi futhi wakhuluma eDwaleni. Ngenkathi esekhulume eDwaleni, iNgelosi yampendula futhi yathi, “Hagari, yini leyo ephophoza laphaya na?”

<sup>206</sup> Kwakunomgodi womthombo, ugwele amanzi, asageleza nanamuhla. Ngemva cishe kweminyaka eyizinkulungwane ezine, usageleza nanamuhla. Umthombo lowo uHagari... lapho, lowo, usageleza nanamuhla. Wakhuluma eDwaleni, neDwala laletha amanzi.

<sup>207</sup> Kwakukhona abantwana bamaHeberu abathile abahamba bangena esithandweni somlilo, ngolunye usuku, futhi bakhuluma eDwaleni. Futhi iDwala lalinabo.

<sup>208</sup> Kwakukhona owesifazane ophuma eSamariya, ngesinye isikhathi. Wayejivaziwe. Wayenesono, futhi wayenezinto eziningi ezilenga empilweni yakhe, mhlasi. Futhi wayejivaziwe. Waya emthonjeni kaJakobe ukuze akhululeke, futhi wayebuyela emuva. Wayeya emthonjeni kaJakobe, futhi abuye emuva. Futhi ngolunye usuku wabeka phansi imbiza yamanzi, futhi wayemi lapho, edangele. Kwafika iDwala,

limi ngakuye. Wakhuluma kuleloDwala. Wamnika impophoma enkulu emphefumulweni wakhe. Wagijimela emzini. Akabange eseza ukuzokha, futhi. WayenokuPhila. Wathi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele konke engikwenzileyo. Kungebesuye uKristu lona na?” Wakhuluma eDwaleni, neDwala laveza amanzi aLo.

<sup>209</sup> Kwakukhona owesifazane omncane owayechithe yonke imali yakhe kodokotela, owaka, ababethathe yonke imali yakhe. Abakwazanga ukumisa umopho. Mhlasimbe wayebambise ngepulazi lakhe, futhi mhlawumbe walithengisa. Futhi wayehlezi, ethunga ngolunye usuku, futhi wezwa Okuthize kuza kwehla ngomgwaqo. Wakhuluma eDwaleni. IDwala laphenduka lase lithi, “Ubani oNgithintile na?” Kwasekuphelile lapho ekhulume eDwaleni. Wamnika impophoma yokuPhila, okwanqamula umopho. Waqina, masinyane.

<sup>210</sup> Kwakunempumputhe endala imi ngasohlangothini lodonga, ngelinye ilanga, iqhaqhazela emakhazeni. Yonke into ayenayo yayingasekho. Futhi yayilapha, futhi idabukile, nabantu bedlula. Wezwa Okuthize kuza; yathi, “Kuyini na?” Yakhuluma edwaleni.

<sup>211</sup> Nakuba, amalungu ebandla layo, eyizungezile, azama ukuvimba, athi, “Akukho sidingo. Ngeke ukuthole. Deda. Thula.”

<sup>212</sup> Kepha yamemeza kakhulu, “Wena ndodana kaDavide, ngihawukele! Ngihawukele!” Futhi yakhuluma eDwaleni, futhi iDwala liyinika impophoma, namehlo ayo avuleka.

<sup>213</sup> LeloDwala elifanayo elalisehlane lilapha namhlanje. Lenza abantu bajabule.

<sup>214</sup> Ngelinye ilanga, lonke iJerusalema lalimile ukubona umphilisi ngokukaNkulunkulu, umgingqiki ongewele, engena edolobheni; nabantu abambalwa bemi lapho, bekhamuluka ngephimbo labo lonke, “Hosana! Hosana, kuYe ozayo ngeGama leNkosi!”

<sup>215</sup> Lawo malungu ebandla azikhukhumezayo ayephandle lapho embethe izingubo zawo ezinde, nama D.D. abo emva kwabo; wathi, “Mabathule. He, benza amaqhuquva agijime emhlane wami, nokunye nokunye. Bathuliseni.”

<sup>216</sup> Wathi, “Uma bethula, amadwala masinyane ayokhala.” Kungani kwaba yikho na? Lona kanye iDwala elaqheshulwa entabeni, kungengazandla, laliza, ligingqika lingena eJerusalema. Amadwala amancane ayephuza kuLo. “Khuluma edwaleni, futhi Liyoveza amanzi aLo.”

<sup>217</sup> Uma udinga insindiso, kulobubusuku, khuluma eDwaleni. Lizoveza amanzi aLo. Uma ungumhlubuki, kulobubusuku; khuluma eDwaleni, Lizoveza amanzi aLo. Uma ulapha, kulobubusuku, futhi ungenaKristu; uye wazama lonke ibandla elikhona, edolobheni, ukuthola insindiso; khuluma eDwaleni,

Lizoveza amanzi aLo. Uyakukholwa na? Uma ungumhlubuki, wahamba wasuka kuNkulunkulu, ucabanga ukuthi alikho ithuba lakho; vele ukhulume eDwaleni, futhi Lizoveza amanzi aLo.

<sup>218</sup> Niyakukholwa lokho, ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasipha khona na? Ngenhliziyo yakho yonke, uyakukholwa na? Haleluya! Ulapa kulobubusuku.

<sup>219</sup> Uma ugula, futhi uzame konke ezweni. Uzamile ukungena emgqeni womkhuleko, futhi awukwazi ukungena emgqeni womkhuleko. Uke waba namakhadi omkhuleko, futhi waliwa. Uye emhlanganweni owodwa; waya komunye umhlangano. Uye wagcotshwa ngumelusi. Ufike kulomugqa womkhuleko. Ube sezindaweni zonke, futhi ungeke uphulukiswe.

<sup>220</sup> Kungani ungakhulumi eDwaleni manje na? Uzoveza amanzi aKhe. Kunjalo. AwuMzami ngani kanye na? Ukhulumisane naYe, khona manje, ngenkathi Esesesakhiweni. UBukhona baKhe bukhona lapha manje ukuniphulukisa nonke. Ngiyakukholwa. Ngiyakwazi, ngayo yonke inhliziyo yami. Ngiyakholwa. Futhi kukhona ezinye izinto engingazazi, kodwa kunezinto engizaziyo. Futhi ngiyazi ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, ukhona lapha.

<sup>221</sup> Ngenkathi ngisazama ngisho nokwenza ukubizela e-altare khona manje, enhliziyweni yami, imibono ihlakazeka kuso zonke isakhiwo khona—khona manje. O, kunjalo. Amandla kaNkulunkulu akhona lapha. Kunjalo. NgiMbonile ephuma lapha. Kuqala ukungihlukanisa kusukela kwelinye izinga kuya kwelinye, khona manje; ngoba kukhona abantu abagulayo lapha, futhi imikhuleko yenu yiyona ekwenzayo; ukuqinisekisa iZwi likaNkulunkulu, lithi Ukhona lapha ukuba kukhulunywe naye, kulobubusuku, iDwala elifanayo elama futhi laveza imicabango yabo. Nibonile lapho owesifazane wayekhona, lowo owayenomopho, nokunye nokunye. Ulapa manje. Uma nizokhuluma kuYe, Uzoveza amanzi aKhe. Niyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>222</sup> Ucabangani, nenekazi na? One...Khona lapho kwimaphakathi. Manje, awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo na? Inenekazi elininto emhlophe izungeze intamo yalo, lihlezi khona lapho. Unesifo sikashukela, awunjalo na? Awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo na? Awudingi noma yiliphi ikhadi lomkhuleko. Uyakukholwa lokho na? Ucabanga ukuthi ungakhuluma eDwaleni na? Uyafuna ukukhuluma kuYe, ngesifo sakho sikashukela, khona manje na? Yima ngezinyawo zakho khona-ke. Kunjalo na? Yithi nje, “Ngiyamemukela uJesu Kristu manje njengomphulukisi wami,” futhi uNkulunkulu uzokuyisa ekhaya futhi uzokusindisa. Khuluma eDwaleni. UNkulunkulu akubusise. Kulungile. Hamba, futhi uphiliswe.

223 Ucabangani ngakho, ohlezi eceleni kwalo, nenekazi na? Unemithambo yemilenze evuvukele emilenzeni yakho, awunayo na? Kunjalo. Sukuma ngezinyawo zakho. Akusiye umyeni wakho ehlezi eceleni kwakho lapho na? Kunjalo na? Unesifo sikashukela, nawe, awunaso na? Ngabe lokho kunjalo na? Beka isandla sakho phezu komkakho. Kulungile. Nina nobabili nivela e-Illinois. Lokho akunjalo na? Manje buyelani e-Illinois, nikhuluma eDwaleni, futhi kuzonishiya futhi kungaphindi kubuye futhi. Haleluya!

224 Ngazi into eyodwa, ukuthi iDwala lilapha, iDwala lemiNyaka elashaywa ehlane. Kunjalo.

225 Ucabangani ngakho, nenekazi elincane nabo nalezo zimbali esigqokweni sakho na? Uhlezi lapho nesifo samathambo, uzama ukuphuma kukho. Wena ophendukile wase ubuka ngenye indlela, uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Yima ngezinyawo zakho-ke, futhi ugxobe kakhulu izinyawo zakho phansi naphezulu, bese uthi, “Isifo samathambo asisekho,” futhi kunjalo. Khuluma eDwaleni, futhi Uzoveza . . . ? . . .

226 Ngiyanitshela, uJesu Kristu unguye, izolo, namuhla, naphakade. Ulapha ukubonakalisa noma yini e . . .

227 Ucabangani ngakho, nenekazi elihlezi lapho, elithe, “udumo eNkosini,” naleyo nkathazo yabesifazane, nencane, limbethe ijakhethe eluhlaza satshani, lihlezi lapho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukise ngaleso sikhathi na? Sukuma, umzuzu nje; ohlezi khona lapho. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Unenkathazo yabesifazane. Yindawo evuvukele enobovu. Unobomvu, uhlobo oluthile lomgudu ovela kubo. Akunjalalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Yini engenza ngisho lokho na? YiDwala elikhuluma kuwe. Mphendule, futhi uphiliswe. Haleluya!

228 O, ukuthi Ufuna kanjani ukuletha ukubonakaliswa kwaKhe kwaMandla kwaKhe! Futhi ngibona iNgelosi kaNkulunkulu, yona kanye iNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana ehlane, ihamba kulesi sakhawo manje.

229 Ngizama ukuthola owesifazane. Uyakhuleka. Ukuphi lapha na? Nangu Emile. Yebo, ngowesifazane omncane emi khona lapho ngqo, owesibili ohlezi phakathi. Qhabo, yena . . . Kungendoda, emile. Ngumyeni oyisidakwa omkhulekelayo. Akunjalalo, nenekazi na? Uma kunjalo, yima ngezinyawo zakho khona lapho. Awunaye umyeni oyisidakwa obumkhulekela na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Khuluma eDwaleni, futhi uNkulunkulu uzomkhapha e—entweni.

230 UNkulunkulu uzokwenza noma yini phakathi lapha, uma kuphela uzokwenza. Uyakhulwa na? Uyakhulumisana naYe na? Uma unjalalo, yima ngezinyawo zakho khona manje futhi ukhulume eDwaleni, neDwala, lizoveza amanzi aLo. Uzoma na?




<sup>231</sup> Ubani oMfunela insindiso na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngifuna Yena ukuba angene enhliziyweni yami.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, nawe. O, he! Yebo, mnumzane.

<sup>232</sup> Lowo mdlavuza ukushiyile lapho, mfowethu. Awusekho. Ungaya ekhaya futhi usinde manje. Haleluya! Lelo yiqiniso.

<sup>233</sup> Bonke ofuna ukuphulukiswa, phakamisa isandla sakho, uthi, “Nkosi, ngikhuluma kuWe. Ngikhuluma kuWe.” Kunjalo.

<sup>234</sup> Nango ehamba. Mnumzane, isifo sakho samankanka sikushiyile lapho. Usukhululekile. Goduka; eGameni likaJesu Kristu, uphulukisiwe.

<sup>235</sup> Noma ubani phakathi lapha, ofuna ukuMthola manje, phakamisa izandla zakho bese uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi, ngokungiphulukisa. Ngikhuluma kuWe, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uyangiphulukisa.”

<sup>236</sup> O Nkulunkulu, wesihe, thumela amandla aKho kulobubusuku, ngogcobo lukaMoya oNgcwele, Esesesakhiweni manje, ukushanyela phezu kwalezi zethameli. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele angenza zonke izimangaliso. Kwangathi kungebekhona abagulayo noma umuntu okhubazekile osele esakhiweni kulobubusuku. Kwangathi Ungaphulukisa wonke umuntu, eGameni likaJesu Kristu. 

*UKUHLENGWA EKUPHELELISWENI, NGENTOKOZO* ZUL54-0330  
(Redemption In Completeness, In Joy)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesibili kusihlwa, ngoMashi 30, ngo 1954, eChurch Of The Open Door eLouisville, eKentucky, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)